# *INdlovukazi YaseSheba*

Manje sisasondela esihlalweni saKhe sobukhosi:

2 Baba wethu waseZulwini, onomusa, siza ngokuzithoba eBukhoneni baKho namakhanda ekhotheme nezinhliziyo ezikhotheme lapha, ngokuba siyaqonda ukuthi lento eyodwa: ukuthi thina, ngoluny'usuku, siyoma eBukhoneni baKho ukuba sizilande ngezimpilo zethu, ngakho-ke ngenkathi sisaphila futhi sinengqondo yethu ekahle, silangazelela ukuthola ukuthula, nokwazi ukuthi iGazi libheciwe ekhothamo lomnyango wezinhliziyo zethu naphezu kwezinsika.

3 Futhi simi ekuhlonipheni ngokuzithoba namhlanje phambi kwaKho ukucela ukuthi Uzosibekela izono zethu, ukungakholwa kwethu, ngeGazi leNkosi uJesu, futhi ngaloloSuku singahle sime singenaphutha futhi singenasici eBukhoneni bukaNkulunkulu, simbozwe yiGazi leNdodana yaKhe uQobo.

4 Futhi, Nkosi, sizocela ukuthi Uzobusisa leliqembu labantu, obuthene lapha kulentambama kungesiyo enye inhloso kodwa ukudumisa iGama laKho, nokwenezela eBandleni labo abayosindiswa, nokwenza konke okulele phakathi kwamandla ethu ukubona uMbuso kaNkulunkulu, nenhloso kaNkulunkulu isunguliwe emhlabeni.

5 Busisa laba, abazalwane bami, abalapha emsamo, lababefundisi, abelusi, abelusi bezimvu bomhlambi. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi kukhona okuzokwenziwa, okuzobashukumisa ngendlela engakaze ibonwe ngaphambili. UMoya oNgcwele mawuze phakathi kwethu kulentambama futhi wenze okukhulu ngokwedlulele ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange.

6 Futhi siyacela, Nkosi, ngemihlambi yabo obuthene phakathi, ukuthi izophefumulelwa, namaKristu azo—azozimisela kakhulu ukuphilela Wena kunanini ngaphambilini ezimpilweni zawo. Futhi ngesi—isihambi esiphakathi kwamasango ethu namhlanje, sizobakhulekela ikakhulukazi bona, ukuthi bona, futhi, bangahle bajoyine nalenhlanganyelo enkulu yamakholwa uma bengakakwenzi kakade kanjalo.

7 Futhi sizocela, Nkosi, futhi singakhohlwa yilabo abalulamayo, abavalelwe ngenxa yokugula nezinkathazo, sicela ukuthi Uzoba seduze nabo. Phulukisa ukugula kwabo futhi uqondise izindawo zabo ezimahhadlahhadla, Nkosi, ukuze nabo, futhi, bagijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo.

8 Lapho sesihamba namhlanje, kwangathi singaya emakhaya ethu, njengalabo ababevela e-Emawuse, besho lamazwi: "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Konke lokhu makube yinkazimulo kaNkulunkulu, ngokuba ngokuzithoba sikhothamisa amakhanda ethu nezinhliziyo zethu njengezinceku zaKhe, eGameni likaJesu. Amen.

9 Ningahlala phansi. Ngijabula kakhulu namhlanje ukuba lapha eKlamath Falls, kuleli elithandekayo, ihholo elikhulu elincane nalaba bangani bakaKristu, nokuqhubeka nenhlanganyelo yethu no—noMoya oNgcwele ngendlela Osebenzane ngayo nathi futhi osenzele khona, ngempela siyazithokozela zonke izibusiso zaKhe.

10 Futhi izolo kusihlwa ngenkathi sibona abaningi behlela e-altare ukuba banikele izimpilo zabo eNkosini uJesu, siyibonga kanjani iNkosi ngalokho! Leyo yinhloso enkulu esiyizele lapha. Ngokuba ngiyakholelwa eVangelini eligcwele, nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nakho konke lokho uKristu akufelayo, kodwa uma uthola ukuphulukiswa ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, masinya noma kamuva, uma uphila isikhathi eside ngokwenele, uyogula futhi.

11 Omunye washo ngesinye isikhathi, kwakukhona indoda eyayingumgxeki, yabhala e—encwadini, umgxeki wehlelo elidumile lebandla, futhi wabhala encwadini ukugxekwa kwenkonzo yami, futhi wathi, "Awu," wathi "ukukhombisa ukuthi. . .Engifinyelela esiphethweni mayelana nemihlangano kwakuyilokhu," wathi, "kwakungekho kungabaza ngaphandle kokuthi kwakukhona amandla athile lapho ayezoqonda imfihlo yenhliziyo." Wathi, "Nganginabangane lapho ababenalokho kubona okufihlakele okwakuphezu kwabo," wayesethi, "babazi ukuthi lokho kwakuqinisile."

12 Wathi, "Kodwa ngokokuphulukisa, bekungeke kube ngokuyikho," wathi, "ngenxa yokuthi kwakukhona indoda eyayihlezi kuvulande osesitezi," eyayingumngane wakhe kwelinye ibandla, ibandla labazalwane, ibandla elingumakhelwane, "indoda yayinenkathazo enkulu yezinso eyayikade inayo iminyaka eminingi." Futhi wathi, "UMfowethu Branham ubize indoda ngegama, futhi sayingenisa lapho ivela kwelinye idolobha."

13 Futhi wathi, "Wayitshela ngesimo sayo sezinso esibucayi, futhi ngisho nangezinye izinto ezenzeka emgwaqeni ngenkathi ihlezi komunye wovulande abasesitezi," wayesethi, "siyazi ukuthi lokho bekuyiqiniso." Futhi wathi, "Indoda yayiphile kahle futhi isindile cishe iminyaka emithathu, eyayikade ingenjalo kusukela isengumfana, kwase kuthi-ke," wathi, "kwehlela kuyo futhi." Wathi, "Ngakho-ke kwakungeke kube ngokukaNkulunkulu," wathi, "ngoba uma uNkulunkulu

wayeyiphulukisile, yayiyophila, ngokuba uma umuntu eke waphulukiswa, uphulukisiwe."

14 Kuyakhombisa nje, kanjani uma...umuntu uzofanele agcotshwe nguNkulunkulu ukuba akholwe, kungenjalo abasoze bakholwe, empeleni, abanalutho abangakholwa ngalo. Niyabo? Abanakho nje ukujula komphefumulo wabo—wabo—wabo. Uma...Ngazi ngamadoda amaningi afakwe ngaphansi kwethende lomoya-mpilo, futhi anikezwa umjovo kazifo zonke, kanjalonjalo, ngudokotela, futhi aphulukiswa ngokuphelele ngokuthi, inyumoniya, nomuntu wasuka esibhedlela esephile saka ngenyumoniya, futhi emva kweviki afe ngenyumoniya. Uvele nje wangenwa yinyumoniya futhi, yilokho kuphela, kodwa ubephulukisiwe.

15 Kwase kuthi-ke ngenkathi ongasekho, uMfowethu Jack Coe ohloniphekile, enecala lakhe, lapho ihlelo elithize lebandla licheme nomphikinkolo ukulwa noMfowethu Coe ezansi e—eFlorida ecaleni lakhe. Futhi khona-ke umahluleli, ngokuthanda ukukhombisa ubulungiswa, futhi nokho amadoda ebandla, njengoba iphepha lanikeza, wayephendukele uMfowethu Coe, futhi babejoyinane noJoe Lewis, abacabangi abakhululekile, abaphikinkolo, futhi bezibiza ngebandla elidumile, kodwa ngoba nje babemelene kakhulu noKristu, futhi bemelene nokuphulukisa. Kodwa kuyakhombisa ukuthi kuphuma kanjani kahle.

Umahluleli wathi, "Mnu. Coe, usasho ukuthi lomntwana waphulukiswa na?"

Wathi, "Ngisho ukuthi uKristu wamphulukisa umntwana."

16 Futhi wathi, "Wakhumula izinsimbi zakhe ohlangothini olulodwa lomsamo ebukhoneni bukaMnu. Coe, wahamba wanqamula emsamo, futhi wawela kunina, ekhubazekile." Futhi wathi, "Ungangikhombisa noma iyiphi indawo, uma ekhona lapha ongangikhombisa noma yiyiphi indawo eBhayibhelini lapho uKristu ake enza khona icebo lokuphamba elinjalo, ngizovuma ukulahlekelwa icala."

17 NoMfundisi Gordon Lindsay ohloniphekile, omunye wabafana benu base-Oregon lapha, wasukuma, wathi, "Ngingaliveza udaba." NoMnu. Lindsay wamnika udaba, wathi, "Ngobunye ubusuku uJesu wafika ehamba phezu kwamanzi." Futhi wathi, "UPetru wamemeza esesikebheni, nabo bonke abanye bathi, 'Uma UnguKristu, iNkosi, yisho ukuba ngize kuWe phezu kwamanzi.' NoPetru wehla waphuma esikebheni futhi waqala ukuhamba eya ngakuJesu, ngokwejwayelekile, phezu kwamanzi, kodwa lapho esesaba, wacwila."

18 Lokho kwakuxazulula, impela. Ungaphulukiswa umzuzu owodwa, futhi ugule ngolandelayo. Niyabo? Kuya ngokuthi ukukholwa kwakho kubambelela isikhathi eside kangakanani. Nokukholwa yikho konke lokho...

ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu nensindiso akulutho thina njengabantu ngabanye esingayenza, sekuvele kungumsebenzi osuqediwe uKristu awenza eKalvari, kungukukholwa kwethu kulowomsebenzi osuqediwe.

19 Ngingahle ngithi kulezizethameli kulentambama, “Mangaki amaKristu na?” Mhlawumbe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, noma mhlawumbe ikhulu, baphakamise izandla zabo, bangamaKristu. Inqobo nje uma ukukholwa lokho, kulungile, kodwa umzuzu oqala ngawo ukucabanga ukuthi awunjalo, yilesosikhathi oqala ngaso ukucwila, khona lapho, yilesosikhathi ubufakazi bakho buphikisana. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuhlala nje inqobo nje lapho ukukholwa kwakho kuhlala nakho, insindiso yakho iyafana, ngoba yonke—yonke into kaNkulunkulu ingokukholwa, futhi akukho okukaNkulunkulu okungafakazelwa ngokwemvelo.

20 Bukani zonke izikhali zikaNkulunkulu, ngukukholwa. Yini izikhali zikaNkulunkulu na? Uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ububele, ukukhuthazela, ukukholwa. Bukani nje ukuthi yini engena ezikhalini, yonke into engaphezu kwemvelo. Ungeke wakuphatha ngezandla zakho, ufanele ukukholwe. Yehlela esitolo futhi ungithengele uthando lobuNkulunkulu olubiza ikota, ungithengele ukholo olubiza idola. Ungeke wakuthenga, siyisipho sikaNkulunkulu, futhi ufanele ukukholwe, ufanele ukukholwe. Inqobo nje . . .

21 Bese kuthi-ke uma uthi usindisiwe, futhi usalokhu uphilela izinto zezwe, izithelo zakho ziyafakaza ukuthi awusindisiwe. Niyabo? Impela. Bengihlala ngisho ukuthi ngilukhuni impela, ngiyabukholwa ubungcwele, impela. Futhi ngathi, ngi . . . Kodwa uma nje uzenza ugqoke njengomuntu ongcwele, noma uziphathise okomuntu ongcwele, lokho akukwenzi umuntu ongcwele. Niyabo? Ubungaba nje ngozenzisayo lokho, kodwa uma uMoya ongaphakathi kuwe ukwenza uphile ngaleyondlela, khona-ke uyazi ukuthi ukahle, nizahlulela kanjalo-ke nina, khona-ke anihlulelwa, noma, anilahlwa kanye nezwe, inqobo nje uma uzahlulele ngempilo uMoya ongaphakathi kuwe ukwenza uphile. O, lowo nguNkulunkulu.

22 Manje, kulemihlangano, okwethu . . . asinakho, esikubiza ngokuthi, okukhulu ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Ngoba ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokuncane, futhi awusoze wagxila kokuncane. U—u . . . Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu yinto ethize nje uNkulunkulu ayenezele eBandleni. Futhi akekho ongashumayela insindiso yomphefumulo ngaphandle kokushumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu komzimba. Kufana nje uma isilwane besingibambe ohlangothi lapha, futhi nje besisika uhlangothi lwami ngezidladla zaso, asikho isidingo sokunquma nje unyawo

lwaso, noma, isidladla saso esinaso ohlangothini lwami, sishaye ekhanda nje, kubulala isilwane sonke.

23 Awu, yileyondlela uKristu enza ngayo ngenkathi Efela isono, Wabulala yonke ingxenye engahlukaniseki yesono, niyabo, Wabulala yonke into. Futhi ngaphambi kokuba sibe nesono sasingenakho ukugula, ukugula kuyingxenye engehlukaniseki yesono; ngaphandle kwesono babengenakugula. Futhi lapho . . . Ukugula kungumphumela wesono, futhi awukwazi ukubhekana nesono ngaphandle kokubhekana nokugula. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Ngakho lapho umisa umbuzo wesono, uthinta futhi umbuzo wokugula, konke okwawo kuyanakekelwa, ndawonye. Futhi yingakho uKristu afa, umuntu ogcwele, ukufa okugcwele, ukuvuka okugcwele, okweBandla eligcwele, okweVangeli eligcwele. Kunjalo. Futhi ngakho-ke, konke kuhamba ndawonye.

24 Manje, siyaqaphela . . . Wena uthi, "Awu-ke, Mfowethu Branham, inkonzo yakho ithathwa njengokuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

25 Impela, ngempela. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyaheha. Ku . . . Cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu enkonzo kaJesu kwakungukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Benikwazi lokho na? Njengomdala, uDkt. F. F. Bosworth ongasekho wayevame ukuthi, "Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku, uyikhombisa isicupho; ibamba isicupho, futhi ithole ihhuku."

26 Ngakho-ke kungaleyondlela. Abantu beza uku—ukuzobona amandla nezimangaliso zikaNkulunkulu, futhi lapho bebona lokho, bona, empeleni uNkulunkulu ubabamba ngamahhuku emhlathini khona lapho, ngoba bayazi ukuthi kukhona into ethize yangempela.

27 Ngenkathi ngiyongena eBombay, eNdiya, neziningi zezinye izindawo . . . Azi . . . Umbhishobhi omkhulu webandla leMethodisti, nabo, bahlangana nami lapho e . . . ngenkathi babenemiqhele yezimbali nakho konke kulenga ngaphandle, bathi, "Awu, Mfowethu Branham, ungezi lapha uthi uyisithunywa senkolo," wathi, "sazi kakhulu ngeBhayibheli kunani-ke nina maYankee nizoke nazi."

28 Futhi lokho kuthi akube yiqiniso, ya. YiNcwadi yaseMpumalanga. Awu, Ku . . . Uma uhamba, uke uye eMpumalanga futhi utadishe iBhayibheli, Yi—YiNcwadi entsha sha kunaleyo eniyifunda phezulu lapha eNtshonalanga. Sizama ukwenza iNcwadi yaseMpumalanga iqhathanise nendlela yaseNtshonalanga yokuphila, ungeke wakwenza. Imifanekiso nezinto ziphelele nje, zisekhona lapho. Futhi babeneBhayibheli iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphambi kokuba sibe yisizwe, ngakho nakho lapho okhona. Niyabo?

29 Bathi, "Siyazi ngeBhayibheli, siyaqonda ukuthi uNkulunkulu ukunike isipho esenza leliBhayibheli liphile futhi, yilokho esikukhathalele, hhayi izithunywa zenkolo," wathi, "sinenqwaba yalokho lapha. Kodwa siyaqonda ukuthi—ukuthi uNkulunkulu ukuphe isipho esizokwenza leliBhayibheli liphile impilo yaLo futhi, iNcwadi yeZenzo ngaphezulu." Wathi, "Yilokho esikhathalele ukukwazi."

30 Ngathi, "UJesu Kristu uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade, kunjalo impela nje." Ngathi, "Akakashintshi nakancu." Futhi yilapho iNkosi yaqala khona ukusebenza phakathi lapho.

31 Manje, ngi . . . Sinamadoda amakhulu onke . . . IMelika izolahlwa ngecala kakhulu kunanoma yisiphi isizwe emhlabeni ngoSuku lokwaHlulelwa, ngoba ibe namadoda amakhulu kanjalo kuyo, ebuntwini bayo, ezindongeni zayo lapha, ngaphakathi kombuso wayo—wayo, ngenxa yokuthi kube nemvuselelo emva kwemvuselelo ishanela kulelizwe, futhi nokho abantu baqhubeka bezitika ngqo esonweni, beya ngokuba babi nsuku zonke. Niyabo? Ibandla, ngisho lona uqobo, liphola futhi lideda kuNkulunkulu. Kuyadabukisa. Kodwa yini esingayenza ngakho na? IBhayibheli labikezela ukuthi lezizinto ziyofika, futhi kuzoba lapha.

Wena uthi, "Awu, ukhalelani ngakho na?"

32 Ngoba omunye uzofanele amemeze amelane nokungalungile, ukuze kuthi ngoSuku lokwaHlulela, kuyoba nephimbo eliqoshiwe, kunjalo, ukuthi uyazi ukuthi bazi kangcono, naso sonke isibonakaliso.

33 Esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi singena eBombay, ngivele nje . . . Into ethize ifika engqondweni yami ngaleyonkathi. Bengifunda indatshana ephepheni ukuthi lapho abathi, "Ukuzamazama komhlaba kufanele ukuthi sekuphelile, izinyoni zindiza zibuyela emuva." Cishe izinsuku ezintathu ngaphambi kokuzamazama komhlaba okukhulu, njengoba ufundile ephepheni lakho . . .

34 Ngani, yonke iNdiya ayifani nalelizwe, ine . . . izintango zabo azisilo ucingo olulukiweyo njengoba sinalo, futhi izakhiwo zabo cishe zonke zakhiwe ngamadwala abangawacosha emasimini, izintango zabo zakhiwe ngedwala. Nezinyoni ezincane zibuyela kulamadwala futhi zakhe izidleke zazo, nezinkomo ntambama kanjena, zima emthunzini walezozindonga.

35 Awu, baqaphela ukuthi cishe ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kubonakale, zonke izinyoni ezincane zashiya amadwala, zashiya izidleke zazo, amakhaya azo, futhi zaphumela emasimini, zahlala ezihlahleni; izinkomo nezimvu zazingeke zisama zizungeze izindonga, zama qekelele phakathi nensimu, zincikene. Nokuzamazama komhlaba kwafika futhi kwazamazamisa izindonga zawa.

Ukuba abafo abancane babekade belapho, babeyofihlizwa, izinkomo zaziyobulawa, izimvu zaziyobulawa.

36 Manje, uma uNkulunkulu owahola impilo yesilwane yangena emkhunjini usenguye uNkulunkulu ofanayo, ngokuzibonela ngokwemvelo Wazihola zasuka engozini, zasuka kulezozindonga ezaziwa. Awu, uma—uma inyoni, nemvu, nenkomazi, nokuphila kwesilwane kungaba nokuzibonela ngokwemvelo okwenele ukuholwa kuqhele engozini, lifanele kangakanani-ke ukuba iBandla likaNkulunkulu libaleke lisuke ezindongeni zezinto zezwe manje, lapho selilungele nje ukubuthuka na? Phumani bangane, melani uKristu, kholwani kuKristu.

37 Manje, ngikholwa ukuthi lezizinkonzo esinazo namhlanje emhlabeni jikelele, enye yehlukile kwenye. . .Bengibhekisisa uMfowethu Oral Roberts emizuzwaneni embalwa nje edlule egumbini, banetelevishini egumbini e. . .babengibekele yona, futhi ngangi. . .Ngabezwa bememezela ukuthi u-Oral Roberts. . .Futhi ngaya ngale futhi ngavula ithelevishini, bakwenza, futhi ngibone u-Oral ekhulekela encane, ingane egulayo evela enhla eCanada, yayineso elibi; futhi ngikholwa ukuthi abazali babeyiKatolika. NoMfowethu Roberts ngendlela yakhe yangempela yokukholwa, washaya isandla sakhe phansi enganeni encane futhi wayikhulekela, ingane encane yaphulukiswa. Manje, leso yisiphiwo sangempela sokukholwa uMfowethu Roberts anaso.

38 Futhi siyazi ukuthi uMfowethu Jack Coe, wayevame ukuba nensimbi yokucangcathela insimbi encane ilele eceleni kwedeski lakhe, omunye uyenyuka efake izibuko, wayekhumula izibuko futhi aziphule ngesando, azijikijele ngale; babenezinduku zokuqhugela, wayethatha izinduku zabo zokuqhugela kuqala, futhi azinqume, futhi azilahle, wayeyoshisa onke amabhuloho.

39 Babeno Jack Coe oyedwa kuphela, niyazi, izwe lalingeke limele ababili ngesikhathi esisodwa. UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe oligugu, ngempela wayeyindoda yokukholwa eyiqhawe. Omunye wabakhulu kunabo bonke engake ngababona empilweni yami kwakungu Jack Coe. Awu, manje, futhi u—useye eNkazimulweni namhlanje. Umsebenzi wakhe wawusuqediwe, noSathane wayengeke amthathe uze ukuba umsebenzi wakhe wawusuqediwe.

40 Manje, manje, kukhona—kukhona amadoda ehlukile kwamanye, ngakho konke. Futhi enkonzweni iNkosi enginike yona, iningi lalawomadoda ayengosiyazi bezenkolo, othisha abakhulu nezifundiswa ezinkulu, eyami ayinjalo, eyami kakhulu ingumlayezo wesiprofetho. Futhi indlela engifundisa ngayo ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungumsebenzi esiphambanweni osuqediwe ukwenzela nina, futhi uma nje nizokuqonda kuphela, ningakwemukela.

41 Manje, manje, uMfowethu Roberts nalawomadoda amakhulu angamaqhawe, wena uthi, "Uyibeka kanjani inkonzo yabo kweyakho na?"

42 Basebenzisa umBhalo ngokubeka izandla. Manje, lelo yiqiniso, leyo yiMfundiso yeBhayibheli. Bangaki okwaziyo lokho na? "Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Kodwa uma nje nizongibekezelela umzuzwana, ngifuna ukunikhombisa ukuthi kwakungesikho ukuthunywa kwabeZizwe. Qhabo, mnumzane.

43 UJayiru wathi, "Woza ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami, futhi izo—izophulukiswa." AmaJuda, amaJuda njalo lalibeka izandla, yonke into ukubekwa izandla.

44 Kodwa bhekisisani oweZizwe, kwakungenjalo, "Angifanele ukuba Ungene phansi kophahla lwami, khuluma iZwi nje, inceku yami izophila."

45 Futhi Waphenduka, wathi, "Angikaze ngikubone ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli."

46 Nakho-ke. Sifanele sibe sezingeni eliphakeme kunalokho lokho okwakuyikho. Siphila ekusondeleni ko—kokuphela kwezwe kunoma sasinjalo ngaleyonkathi. Indlela yabeZizwe ingukukholwa iZwi, kunjalo impela, ukuqonda.

47 Bukani lowo oweZizwe, wathi, "Ngingumuntu ophansi kwegunya," Wayeyinduna yekhulu, okusho ukuthi wayenamadoda ayikhulu phansi kwakhe, induna yekhulu engumRoma, futhi wa—wathi, "Ngingumuntu ophansi kwegunya, futhi ngithi ku*lo*muntu, 'Hamba,' futhi uyahamba; *lo*muntu, 'Uyeza,' futhi uyeza. Ufanele, ungaphansi kwegunya lami. Futhi angizange ngisho ngicabange ukuthi ngifanelekile ukuza kuWe, akekho owesizwe sakithi, ngithumele iJuda kuWe." Futhi wathi, "Ngi . . . Into kuphela Ofanele uyenze ngukukhuluma iZwi nje." Waqondani lapho na? Ukuthi sonke isono, nazo zonke izifo, nakho konke okunye kwakungaphansi kwegunya laKhe. "Yisho nje, 'Hamba,' futhi kuzohamba."

48 Niyabona ukuthi wenzani na? Manje, yilokho engizama ukuthola abantu baseMelika ukuba bakubone. Ukuthi aku . . . Awudingi ukuba ulinde isikhathi esikhethekile, ukuba umvangeli othile eze, futhi, uku—ukukukhulekela, umelusi wakho wenele. Uma umelusi engekho lapho, umakhelwane wakho wenele; uma umakhelwane engekho lapho, umyeni wakho noma umkakho wenele; futhi uma kungekho namunye wabo lapho, phakamisa izandla zakho nje, Wenele njalo. Noma ngabe ukuphi nje, kukholwe, kukholwe, kungumsebenzi osuqediwe.

49 Futhi izolo ebusuku, bengingahlosile uku . . . Lokho kubona okufihlakele noma isiphiwo, kungiqeda amandla, kungikhathaza kancanyana impela. Futhi nginenyanga egcwele yomhlangano ngqo phambi kwami manje. Futhi

khona-ke, ngi—bengizama ukuqhela kukho ubusuku noma obubili, futhi nje ngihambe, ngishumayele isikhashana, uma ubungakubekezelela. Bese kuthi-ke ekupheleni kwenkonzo, uMoya oNgcwele, ngenkathi ngiqala ukuhamba emva kwalokho kubizela e-altare, uMoya oNgcwele wehla, ngabhekisisa indlu, nakhu kuhamba lokho kuKhanya kuhamba kusuka kumuntu kuya kumuntu. Niyabo, kwakuyinto elungele ukwenzeka, futhi lapho kwenzeka. Niyabo?

50 Manje, ngendlela efanele, ukuba wawukwemukele kahle, ngalesosikhathi ukuba wonke umuntu phakathi lapha ubeyobheka phezulu, bekungaqeda umbuzo wokugula kini nonke, ukuba nonke beningakwemukela. Lowo nguKristu eziletha Yena uqobo ebukhoneni babantu, ukuze bazi ukuthi Akafile, kodwa Uphila kuze kube phakade, Uyaphila. Futhi inqobo nje uma wazi Lowo owaloba iZwi futhi wanikeza isithembiso uhlala khona lapha nawe, Unguye impela nje namhlanje esithembisweni saKhe, njengoba Wayenjalo ngenkathi Esemuva lapho. Lokho kuMenza abe nguye izolo, namuhla, naphakade.

51 Manje, abantu baseMelika bafundiswa izindlela eziningi kakhulu ezehlukene, yilokho okwenza kube nzima. Hamba uye e-Afrika, naseBelgian Congo, noma eTanganyika, kumbe noma yikuphi lapho ofisa ukuya khona, lapho amanye alawomazwe angakaze afundiswe ngezinto eziningi kakhulu ezehlukene, omunye wabefundisi bakithi uyasukuma bese ethi, "Awu, angazi, lokho kungahle kube ngukufunda umcabango, angeke ngazilulaza ngakho."

Abanye bayasukuma, "O, lowo ngudeveli ngempela, akekho ofanele azilulaze ngalokho."

Omunye uyasukuma, "Qhabo, ngikholwa ukuthi kungokweNkosi."

52 Yini abantu ayaziyo ukuthi benzeni na? A—a—abazi nje ukuthi kwemukelwa kanjani. Kungaphezu kwemvelo, kukhulu, futhi abazi ukuthi kwemukelwa kanjani. Kodwa ngena lapho, abanayo yaleyomibhalo. Bagodle isithixo ekhwapheni labo, bafafazwa ngegazi, into kuphela abayaziyo ngunkulunkulu wabo wobuhedeni. Lapho bebona into ethize, lowonkulunkulu wobuhedeni angeke aveza okungaphezu kwemvelo, futhi lapho bebona into engaphezu kwemvelo yenzeka, balungele ukwephula lowonkulunkulu wobuhedeni futhi bemukele uKristu.

53 EThekwini, eNingizimu Afrika, lapho engabona khona isimangaliso esisodwa, kwakukade kukhona abantu abane emsamo, nesimangaliso esisodwa senziwa lapho salokho, ngibone abahedeni abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bembethe ingubo yokulala bephula izithixo zabo emhlabathini futhi bemukela uKristu.

54 Ngakusasa ekuseni, uSidney Smith, imeya yaseThekwini, uyenyuka, wathi, "Mfowethu Branham, umzuzu nje, bhekisisa ifasitela lakho." Wathi, "Uma ungakuzwa . . . "

55 Ngaya efasiteleni, futhi nakhu kwehla amaloli amakhulu ezinkomo ayisikhombisa, amaloli amakhulu ezinkomo, egcwele izinduku zokuqhugela, izihlalo ezinamasondo, nezinduku, nezinto ababehamba ngazo. Abanazo izinto zangempela njengoba sinazo, nje . . . Futhi into eyodwa nje eyayenzekile, into eyodwa nje, nje, nezinkulungwane eziyishumi zabakaMohamede zemukela uKristu ngesikhathi esisodwa lapho, abakaMohamede abaqoshiwe abayizinkulungwane eziyishumi ngesikhathi esisodwa.

56 Manje, bafaka lesosithombe ephepheni ngolunye usuku ngoBilly Graham nangalona kaMohamede enikeza inselelo. Futhi nilibonile leli elinye iphepha liphuma, lase lithi, "Awukunakisanga ngani lokho na?" Niyabo? Awu, baswele nje indawo yomthombo wamanzi wasogwadule, kodwa enye indawo abangayijikijela kuMfowethu Billy Graham, noma into ethize efana naleyo. Kodwa lapho sekuza ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, bayazi ukuthi kuqinisile, bayawazi amandla kaNkulunkulu, bawabone khona lapho.

57 Futhi—futhi ngakho-ke, futhi nakhu kufika onke lamaloli ezinkomo, nabantu ababekade bekulemibhede eyizinhlaka nezinhlaka kuthangi wayehamba behla ngomgwaqo becula ngolwimi lwabo lwendabuko, "Kholwa kuphela, zonke izinto ziyenzeka, kholwa kuphela." Ngahlala kulelofasitela, futhi ngakhala izinyembezi njengengane, niyabo, ukubabona behla ngomgwaqo, niyabo. Ngazi ukuthi ngelinye ilanga . . . Futhi bona ngisho nasezimpini zobuzwe, kodwa bonke babemunye.

58 Ngithole u—udatshana ephepheni laseThekwini elasho lokho phakathi nesikhathi sezinyanga eziyisithupha emva kwalokho esizweni samaShangane sodwa, ngiyakhohlwa ukuthi mingaki imithwalo yamaloli ye—yezinhlamvu, nezibhamu, namaringi, nezinto ababebuye nazo, ne . . . zibuyiselwe endaweni yazo, ngoba abantu babephendukile ngempela, ba—babengasafuni ukuzihlanganisa nanoma yini engalungile. Ba . . .

59 Futhi manje nansi enye futhi into ngaphambi kokuvala, ngithethelele uma ngikulimaza, angiqondile ukukwenza, engingakuqondi eMelika lapho esifanele siphucuke khona, unyaka ngamunye abesifazane bakithi bakhumula izingubo ezithe xaxa, futhi nakho kumi labo besifazane abanqunu, bengagqoke lutho nhlobo, isibhinco, bemi lapho futhi bengazi ngisho nokuthi kwakuyisiphi isandla sokudla nesokunxele, futhi kwathi nje bangamukela uKristu njengoMsindisi oqondene nabo, basonga izingalo zabo ukuba bahambe basuke kubantu futhi bathole izingubo zokugqoka.

60 Futhi uma uKristu kowesifazane womdabu, umhedeni, uzomenza aqonde ukuthi uhambaze, nakwabanye besifazane bakithi bePentecostal, bezisho ukuthi banoMoya oNgcwele, futhi ngokuqhubekayo bezihhundula phandle lapha ukuba baziphathise okwesinye isihlabani samabhayisikobho, noma enye. . . Angikuqondi. Kukhona okungahambanga kahle ndawondawo, niyabo.

61 Manje, wenza ucabange ukuthi ngiyinkungu endala nje, kodwa mfowethu, lokho kungumqondo ophusile kuphela. Kunjalo. Lelo yiqiniso leVangeli kuphela, ngakho kukhona okungalungile ndawondawo, mngani. Esikudingayo ngumuntu ukuba akusho, omunye umuntu ukuba akukhulume, nomunye ukuba akuphile. Manje, lokho kuyiqiniso impela.

62 Manje, kwangathi iNkosi ingasisiza. Futhi sikhuluma kanje, ngoba ngiyazi angifuni ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu, amabandla enu azoba njalo kulobubusuku. Nina zivakashi, ngiyazi, nibe nesikhathi esimnandi emihlanganweni kulokhu ukusa, futhi bazoba nezinkonzo kulobubusuku. Futhi sibeka eyethu ntambama, ukuze singaphazamisi leyonkonzo. Ngifuna ukukhulekela abagulayo. Ngamunye wenu olapha evela ekuvakasheleni amabandla, nemukelekile kuleliviki ukuba nize. Sibheke ukuba nesikhathi esikhulu eNkosini kuleliviki. Manje, kanye futhi, masikhuleke ngaphambi kokuba sivule iZwi.

63 Nkosi Jesu, sinokuzwa ngoBukhona baKho, siyazi ukuthi Wena ulapha, futhi Unabantwana baKho bebuthene ndawonye kulentambama, abesilisa nabesifazane abayoKufela, ngesihle. Amadoda angamaqhawe, ami epulpiti futhi ememezele uMlayezo kaKristu ngaphandle kokuxegisa noma ngayiphi indlela, nokho ngobumnene nangobumnandi. Baba, sikhulekela ukuthi Uzobusisa wonke umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu.

64 Manje, iBhayibheli liyasho ukuthi "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi." Futhi njengoba ngifunda, kulentambama, lendikimba encane engiyikhethele umlayezo, ngikhulekela ukuthi Uzothatha uMoya oNgcwele, bese udonsa kuyo ingqikithi, eyoletha iqiniso likaKristu lingene kuzo zonke izinhliziyo, nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ekufinyeleleni kuwo wonke umuntu ogulayo.

65 Futhi lapho sikhulekela abagulayo, kwangathi Ungaphendula umkhuleko. Futhi kwangathi ngisho nangaphambi kokuba umugqa ubizwe futhi abagulayo bakhulekelwe, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi eGameni likaJesu, ukuthi Uzophulukisa abantu ngaphambi kokuba kufike lesosikhathi, ukuze bazi ukuthi akulele kumuntu, kusemandleni okukholwa kwabo ukukholwa eNkosini uJesu. Siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

66 KuMathewu oNgcwele isahluko 12 nevesi 42, indikimba ejwayelekile kakhulu kwabaningi babafo abalandela

imihlangano, ngingathanda ukuzama ukusondela kukho phakathi kwenye—enye indlela:

> Futhi i*ndlovukazi yaseningizimu iyakusukuma* ngemihla yokuphela *kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.*

67 Mathewu 12:42. Lapho uya ekhaya, ungahle usifunde sonke isahluko sikaMathewu 12.

68 Manje, uJesu ngalesisikhathi wayesola abantu, ngoba babengayiqondanga inkonzo yaKhe. Futhi babebheke uMesiya ukuba afike, babebheke u—uMkhululi ukuba abakhiphe ngaphansi kwejoka lobugqila babo. Futhi ngenkathi Efika, Wafika ngendlela yokuthi. . .ngosuku olukhulu ababephila kulo, ehlelwe kakhulu, inqubo yobufundisi izwe elake layazi, babenayo ngaleyonkathi; siyakwazi lokho. UNkulunkulu, ngoMose, wabanika iMiyalo eyiShumi, futhi bathatha leyoMiyalo base beyikhiphela emaqenjini ezenkolo ehlukene, kanjalonjalo, kanjalo.

69 Kodwa kusukela phansi onyakeni, kwakukade kukhona insali encane eyayibambelele eqinisweni likaNkulunkulu, iqembu elincane nje. IBandla likaNkulunkulu belilokhu lisengcosaneni ngesibalo. Bangaki okwaziyo lokho na? Lelo yiqiniso, njalo engcosaneni ngesibalo. Ngenkathi uJesu efika, kwakukhona nje cishe idazini, uSimeyoni, uJohane umBhaphathizi, no—noJosefa noMariya, futhi nje abambalwa kanjalo, wayebambelele ngeqiniso.

70 Manje, futhi ngenkathi Efika, Wafika ngendlela ehluke kakhulu kunaleyo abantu ababeyilindele ukuba Afike, noma, wayekade efundiswe ukuthi Wayezofika, waze Wabadida ngangokuthi, baze ba—abaMqondanga.

71 Ngikholwa ukuthi kuzoba yinto efanayo lapho Efika futhi. Umuntu ngamunye uneshadi, "Uzoza egibele ihhashi elimhlophe." Omunye wathi, "Qhabo, Uza ngefu elimhlophe." Kwenza mehluko muni inqobo nje uma Eza na? Niyabo? Inqobo nje. . .

72 Uma Esefwini elimhlophe noma ihhashi elimhlophe, anginandaba, into kuphela ukuze nje ngilungele ukuhamba naYe lapho lesosikhathi sifika, leyo yinto enkulu. Kodwa bawela kulokho, omunye uzoqala iqembu *ngapha*, omunye iqembu *ngapha*, nje noma ngabe Uzogibela ihhashi elimhlophe noma ifu elimhlophe. Ngakho akwenzi mehluko, ukuze nje Afike. Futhi leyo yinto enkulu, ngukukholwa ukuthi Uyeza.

73 Kodwa ngenkathi uJesu efika, Wafika impela ngendlela imiBhalo eyabikezela ukuthi Wayezofika ngayo, kuphela kwakungahambisananga nokufundisa kwabo kwangalolosuku. BabenoMesiya eza. . .Babebheke ukuFika kwaKhe kwesiBili

esikhundleni sokufika kwaKhe kokuqala, yilokho ababedideke kukho.

74 Wayeza esemandleni. Babebheke Yena ukuba athathe intonga yensimbi futhi abuse zonke izizwe, futhi ngenkathi Efika ngobumnene, ezalwa emkhombeni, isizinda sobuvezandlebe emva kwakhe, njengoba izwe lacabanga, wazalelwa emkhombeni, uMfana ongejwayelekile, zonke izindlela zaKhe zaziyinqaba, edwengula amabandla, ewahlukanisa, futhi ebatshela ukuthi babengabazenzisi, nabaFarisi na—nabaSadusi nabo bonke, walahla yonke into, futhi Wama lapho eyedwa.

Futhi bathi, "Ngani, siyazi ukuthi izwi lakho alilungile." Bathi, "Kwa-Israyeli kuthatha ababili ukwenza ufakazi."

75 Wathi, "NgiMunye, noBaba waMi osebenza kiMi ungolandelayo, ngakho Sinababili. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi khona-ke ningaNgikholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, futhi ningenakuNgikholwa, kholwani yimisebenzi ukuze nisindiswe." Niyabo? UNkulunkulu wayefakaza.

76 Abantu abaningi balandela izibonakaliso, akusiso isibonakaliso, yiphimbo elihambisana nesibonakaliso. UMose, ngenkathi enikwa izibonakaliso ezimbili, uNkulunkulu wamtshela, "Uma bengayikulizwa iphimbo lesibonakaliso sokuqala, khona-ke bazolizwa iphimbo lesibonakaliso sesibili." Isibonakaliso ngasinye siyisibonakaliso nje. Umuntu uneziphiwo nezinto, kodwa bhekisisa ukuthi yini esemva kwakho. USathane angalingisa noma yini, cishe impela, ungumlingisi, futhi angalingisa. Kodwa bhekisisani uhlobo lwephimbo okuyilo. Kwenzani na? Iphimbo *le*sibonakaliso.

77 Thatha umuntu akhuphuke, omkhulu, abangakwenza, nayo yonke lento, ningakunaki lokho. UMoya kaNkulunkulu unguMoya omnene, uMoya othobekile, ogcwele uthando nesihawu, ebuka bonke abantu, eletha bonke abantu ekwazini uKristu.

78 Manje, uJesu wayefike ngayo impela nje indlela A. . . bathi. . .iBhayibheli lathi Uyofika, futhi Wenza khona impela nje iBhayibheli elathi Uyokwenza, futhi nokho, abaMkholwanga. Wenza isibonakaliso sobuMesiya futhi wabakhombisa ukuthi WayenguMesiya, sona impela isahluko esifanayo, futhi baMbiza ngoBelzabule, udeveli, ngoba Wayekwazi ukwehlulela imicabango yabo; futhi babecabanga ukuthi Wayengudeveli.

79 Manje, iBhayibheli lalibatshelile ngokusobala, uMose, umholi wabo ababebukela kuye, wabatshela ukuthi "Lapho iNkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami, futhi kuyakuthi yilowo nalowo ongayikumuzwa lomProfethi uzakunqunywa kubantu."

80 Manje, uMesiya wayezoba ngumProfethi. Futhi ngenkathi lesisibonakaliso somprofethi sinikezwa phakathi kwabo, khona-ke o, abazange babheke lokho, babheka indoda enenduku yensimbi eyayingaphuma futhi yenze izinto ezinkulu, futhi ishaye ilahle phansi isizwe.

81 Niyabo, iMelika ngempela ithengiswa ngezinto ezinkulu nezinto ezinomsindo, kodwa uNkulunkulu akangeni ezintweni ezinkulu noma izinto ezinomsindo. Ngenkathi u-Eliya wayesemuva emgedeni, nakho kwadlula ukuduma, uNkulunkulu, wavele wakuyeka nje kwedlula, kwadlula umoya, babenemimoya evunguzayo enamandla nakho konke okunye kwedlula, kodwa uNkulunkulu wayengekho kukho, kodwa ngenkathi iPhimbo elincane elihashazayo likhuluma, umprofethi wamboza ubuso bakhe futhi waphuma, Wakhuluma.

82 YileloPhimbo elincane elihashazayo esehluleka ukulizwa, sibheke ukubhonga nokuduma, ne—nezinto ezinjalo, namadlingozi. Kodwa uNkulunkulu . . . Ungadukiswa emadlingozini. Sifuna ukuhlala neZwi ukwazi ukuthi ngabe siqinisile noma qha, leyo yiPulani edwetshiwe, hlala neZwi, neZwi liqinisile.

83 Futhi iBhayibheli lalikhulumile futhi labikezela indlela Ayofika ngayo, nabaningi balabo ababemiselwe, ngaphambili, ekuPhileni okuPhakade, baMuzwa futhi baMqonda. UFiliphu, uPetru, abaningi balabo, ngenkathi benyuka, Wayebatshela ukuthi babengobani, ngokushesha, babeyothi, “Lowo nguMesiya.”

Kodwa abaFarisi abakwazanga ukuphendula emabandleni abo, ngakho-ke babefanele bakuphawule ngokuthile, futhi bavele bathi nje, “Ngudeveli.”

84 Futhi uJesu wayebasola, futhi ethethisa leyomizi ukuthi Wayenze imisebenzi emikhulu kuyo, ngenxa yokuthi izinhliziyo zabo zazilukhuni, futhi ba . . . Futhi Wayekhuluma ngakho kuyo yonke iminyaka, uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka, kuyo yonke iminyaka, ubenezibonakaliso nezimangaliso nesithunywa emhlabeni, kuyo yonke iminyaka. Wonke unyaka oke ufike, Wayenesithunywa.

85 Futhi uma abantu bewukholwa lowoMlayezo, isizwe saphumelela, uma singawukholwanga lowoMlayezo, lesosizwe salahlwa futhi sangena enxushunxushwini. Buka emuva nje emlandweni weBhayibheli futhi ngempela uzokuthola. Uma uNkulunkulu ethumele uMlayezo . . .

86 Futhi ngokwejwayelekile uMlayezo awuzi nokuduma okukhulu kakhulu, into ethize enkulu, yinto encane. Bhekisisani uNowa, uhlanya; bukani u-Abrahama; bhekisisani nje phansi eBhayibhelini, futhi ngisho noJesu uqobo lwaKhe: abathobekile, abaphansi, abalahliwe, igama elimnyama emva kwaKhe, yonke into. Bukani uJohane: indoda eyazalelwa ehlane, kungekho

kuya esikoleni nhlobo, isiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso futhi enoboya yonke indawo, wayebukeka njengenye yalezi lapha izibungu ezinoboya, phandle lapho eshumayela ukuphenduka, futhi edla izikhonyane zasendle noju. Akusiyo into ethize leyo na?

87 Nalaba abakhulu, abakahle, abefundisi basesontweni abazaziyo lapho, o, befunde baze bafike ephuzwini impela, babekwazi ukukhuluma lonke igama lesiHeberu ncamashi, nokukhulunywa nokubhalwa kolimi kwabo nesayense yabo yezenkolo kwakuphelele, noNkulunkulu wathatha into enjengesibungu esidala esinoboya phandle lapho ehlane futhi wathumela, futhi walahla yonke into.

88 Ngisho nangenkathi uJesu efika, Wathi, "Akukaze kubekhona umuntu ozelwe ngowesifazane omkhulu njengoJohane umBhaphathizi." Kunjalo. UNkulunkulu wenza izinto ezincane, kodwa ezinamandla.

89 Manje, iBhayibheli lakhuluma, futhi lathi, likhuluma ngoJohane engumanduleli lapho, lathi, "Yonke indawo ephakemeyo izokwehliswa, yonke indawo ephansi izophakanyiswa, izintaba zizotshekula njengezinqama ezincane, nazo zonke izihlahla zishaya ihlombe."

90 Kwakuyini na? Indoda endala enobuso obunoboya nesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, icwilisa abantu, cishe impela, ngamanzi, imi phandle osebeni lweJordani, iqhuma imelene namabandla.

91 Bukani ngenkathi uJesu efika, babelindele uMesiya ukuba ehle emihubheni yegolide, uMuntu okhule ngokugcwele ephethe intonga yensimbi esandleni saKhe, eqhuba izinqola, neziNgelosi ziMzungezile, izinto ezinkulukazi ezinezimbali, futhi uyokwehla futhi angamele, futhi akhulise iRoma, futhi aqede yonke into, bese enikele umbuso ku-Israyeli. Ufika eyini na? INgane, uJehova-Ngane eyazalelwa emkhombeni phezu kwenqwaba yomquba. Kunjalo, kunjalo impela. Ekunukeni kwesitebele Wehla, akukho ndawo Ake aya esikoleni, noma ake wangena esikoleni, akukho-ndawo nhlobo, wayehamba enza izimangaliso nezibonakaliso, nabantu baMlahla.

92 Ngenkathi Efika ukuzobhaphathizwa ezansi eJordani, iNdoda ejwayelekile nje ihamba eceleni kwesitaladi, noma, eceleni komgwaqo, yehlela ehlane ukuba ibhaphathizwe yilomfundisi omdala onentshebe ezansi lapho. Niyabo? UNkulunkulu usebenza izindlela zaKhe uQobo, na—nabantu, ufanele uzithobe.

93 Niyazi, izinto ezinkulu ezikhanyayo yilokho okuphuphuthekisa amehlo abantu. U-Eva wayebheke ukukhanya okusha, wakuthola. IBhayibheli lasho ngezinsuku zokugcina ukuthi odeveli bayo . . . ziphendulele bona babe ngabefundisi bokukhanya. Bukani sona impela isono sokuqala

esake senziwa, kwakunguSathane wayefuna okukhulu, nombuso okhanya kakhulu, into enkulu, futhi wawelela enyakatho futhi wamisa umbuso wakhe uqobo ukuba ukhanye wedlule uMikayeli. Niyabo, kuhlala njalo kuyilezozinto ezikhanyayo.

94 Asisizo izinkawu, izinkawu zifinyelela ezintweni ezikhanyayo, asibe abesilisa nabesifazane, abanengqondo, sihlale phansi, sibuke iVangeli, sibone ukuthi lithini, futhi silandele ukuhola kukaMoya oNgcwele. Awusoze wakwazi ukwazi uNkulunkulu, uMoya oNgcwele uze ungene kuwe. Kunjalo impela.

95 IBhayibheli lasho ukuthi "Akekho umuntu ongabiza uJesu ngokuthi uKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele." Uma ungakaze uwemukele uMoya oNgcwele, awukazi ukuthi UnguKristu namanje; kukhumbule lokho. Kuphela uhamba ngakulokho kuKhanya.

96 Ungathi, "Umelusi wami washo njalo." Lelo yiqiniso. "IBhayibheli lami lasho njalo." Lelo yiqiniso. "Umama wami washo njalo." Lelo yiqiniso. "Ibandla lami likholwa ukuthi nguMoya oNgcwele." Lelo yiqiniso, kodwa kuthiwani ngawe na?

97 Njengomuntu ngamunye, awazi uze ukuba uWemukele. Futhi lapho wemukela uMoya oNgcwele, khona-ke ungufakazi ukuthi Uyaphila kuze kube phakade. Manje, uMoya oNgcwele ungaphakathi kuwe, manje, khona-ke Mbhekisise lapho Esebenza. Uma ukuPhila kukaKristu kukuwe, Kuzoveza ukuPhila kwaKhe kuwe.

98 "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Imisebenzi efanayo, ngoba ngukuPhila okufanayo.

99 Uma ukuphila emvinini wekhabe kuveza ikhabe, awu, liyo, igatsha elilandelayo liyaphuma, liyoveza elinye ikhabe, njalo liyoba yikhabe. Futhi uma ibandla ngempela ligxilise okwehange kuKristu, lonke ibandla lizobhala iNcwadi yeZenzo emva kwalo. Kunjalo impela, ngoba lowo wokuqala waloba iNcwadi yeZenzo emva kwalo. Ngakho, nakho lapho esikhona.

100 Futhi uJesu wayefakazisile ngempela kubo ukuthi Wayebanike isibonakaliso sikaMesiya, ukuthi isikhathi sokuphela sasilapho sabo, futhi abakukholwanga. Futhi Wayebasola futhi ebatshela. Futhi Wabhekisela emuva ngaleyonkathi, emuva evesini elandulela leli, evesini lama 41, Wakhetha lapho, noma wabhekisela, njalo, kuJona, "Emihleni kaJona."

101 Ngangihlala njalo ngimdabukela uJona, abantu abaningi kakhulu bamlahla ngecala uJona. Ngani, uJona wayengumprofethi, wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu. Ubezwa bethi, "O, unguJona." Ngikholwa ukuthi uJona wenza khona impela nje uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze.

102 Angikholwa ukuthi noma iyiphi inceku kaNkulunkulu, eholwa nguMoya, ingaphuma entandweni kaNkulunkulu, ngoba inqobo nje uma iholwa nguMoya, leyo yintando kaNkulunkulu. Ngezinye izikhathi yenza izinto engazi ngisho nokuthi yenzani yona uqobo, futhi ayiqondi ukuthi kungani ikwenza, kodwa nguNkulunkulu ekusebenza kube ngokuhle. "Konke kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu," kwasho umBhalo.

103 Futhi uJona, impela, uNkulunkulu wamtshela ukuba aye eNineve, kodwa *ngandlela thize enye*, ngokungazi ku—kumprofethi, wathatha umkhumbi ongalungile, futhi wehlela eTharishishi, ngi. . ., noma, ngakuleyondlela. Ulwandle luyakhuphuka, namagagasi aqala ukugingqika, nemimoya yavunguza. Ngangihlala njalo ngimdabukela uJona. Niyazi, bambopha izandla nezinyawo zakhe, bamphonsa ngaphandle komkhumbi, nenhlanzi enkulu yamgwinya.

104 Futhi noma ubani uyazi ukuthi lapho inhlanzi idla idina layo, noma, ukudla kwayo, iya phansi bese iphumuza izigwedli zayo phansi ekugcineni kwamanzi, ekugcineni kwechibi. Uphakela inhlanzi yakho esagolide, futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani, zizokwehlela ngqo ekugcineni kwalowojeke omncane futhi ziphumule. Ithungatha emanzini ize ithole ukudla kwayo, emva kokuba isidlile, ishona phansi futhi iphumule.

105 Manje, lomkhomo omkhulu, isiphepho olwandle sasesenyukile, noJona wayephonswe ngaphandle, noNkulunkulu wathumela lomkhomo ngalapho ukuba ucoshe uJona, futhi wagwinya uJona futhi wehlela phansi ekugcineni kolwandle ukuba uziphumulele. Nango uJona, eboshwe izandla nezinyawo, phansi ekugcineni kolwandle, esiswini somkhomo.

106 Ukhuluma ngezimpawu na? UJona wayenazo, wa—wayenelungelo lokuba nezimpawu. Bukani lapho, uma wayebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, uma wayebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, yonke indawo ayebuka kuyo, kwakuyisisu somkhomo.

107 Manje, akukho-muntu phakathi lapha kulesosimo, ukhona, dadewethu na? Ubungeke ube kulesosimo, noma wena lapho, noma yimuphi wenu. Akekho kini okulesosimo. Manje, akazange. . .Akekho owake waba kulesosimo uJona ayekuso: izandla zakhe zaziboshiwe, izinyawo zakhe zaziboshiwe, wayesesiswini somkhomo, mhlawumbe amafatome angamashumi amabili ukujula olwandle, nasolwandle olunesiphepho. Ukhuluma ngezimpawu? Wayenalo ngempela. Kodwa niyazi ukuthi wathini na? "Ziyize lamanga, ngeke ngisazibuka, kepha ngizakubuye ngibheke ithempeli laKho elingcwele."

108 Kungani na? Ngenkathi uSolomoni enikela lelothempeli, wakhuleka phezulu lapho, futhi wathi, “Uma abantu baKho beba senkathazweni nomaphi, futhi babheke ngakulelithempeli, khona-ke uzwe useZulwini, Nkosi.” Futhi wayenethemba kulokho u—umkhuleko womprofethi owawungowakho, ukuthi—ukuthi wayezozwiwa eZulwini. Futhi wala ukubuka izimpawu zesisu somkhomo, futhi wabuka futhi ngasethempelini.

109 Ungeke wafihla ongcwele emkhulekweni, angikhathali ukuthi uyaphi. Ku. . . Ungambeka kunoma yisiphi isimo, abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo, uDanyeli emphandwini wezingonyama, noma kungaba kuphi, ikholwa langempela libambelela kulowomkhuleko, angikhathali ukuthi kwenzekani, libambelela kulowomkhuleko.

110 Niyazi, e. . . Niyazi ukuthi kwenzekani na? UNkulunkulu wenza lowomkhomo wagula esiswini sawo, futhi wa—wamhlanza ogwini. Manje, uma uNkulunkulu ubengaphendula umkhuleko kaJona ngaphansi kwalezozimo, ekubhekeni ngasethempelini umuntu alenza, ithempeli lapho indoda yayikhuleka khona, ithempeli lapho kwakukhona isihlalo somusa sasisibekelwe nge—ngegazi lemvu, Uyokwenza kakhulu kangakanani namhlanje, lapho sibuka kude nezimpawu zethu, isimo sethu esikhubazekile, umdlavuza wethu, ithumba lethu kumbe noma yini esinayo, noma isono sethu, futhi sibheke esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, lapho uJesu emi ngakwesokunene soMkhulu neGazi laKhe uQobo ukuba asinxusele phezu kokuvuma kwethu na?

111 Khohlwa yizimpawu zakho, uma u. . . inqobo nje uma ubuka isandla sakho bese uthi, “Sisontekile,” siyohlala njalo sisontekile. “Ngiyala ukukubuka, futhi, ngibuka ithempeli laKho elingcwele, O Nkosi.” Ngiyanitshela, kukhona okuzogula, uSathane uzogula, lapho uhamba uqala kanjalo. Ngifuna nibone ukuthi uNkulunkulu wakwenza kanjani lokhu kube yikho ngempela.

112 Manje-ke, siyatshelwa ukuthi abaseNineve baba ngabakhonza izithombe, futhi bakhonza izilwane; konke ukukhonza izithombe kokukhonza izilwane. Bese kuthi-ke, siyaqaphela ukuthi—ukuthi owabo—unkulunkulu wabo wolwandle kwakungumkhomo, ngoba wayengumpetha wolwandle, nomsebenzi wabo eNineve kwakungabadobi. Futhi lapha onke amadoda ayengaphandle, izinkulungwane zawo, i—idolobha elikhulu njengePortland, e-Oregon, futhi bonke babephandle lapho ezikebheni zabo bedoba, futhi nakhu kungena unkulunkulu wabo, unkulunkulu womkhomo, wakhipha ulimi lwakhe, nomprofethi waphuma ngqo epulangweni lokwehla esikebheni.

113 Impela, babezowuzwa umlayezo wakhe, unkulunkulu womkhomo wayemkhafulile umprofethi waphuma. Impela.

UNkulunkulu uyazi ukuthi zenziwa kanjani izinto, kungahle kube lula, kodwa Uyazi ukuthi kwenziwa kanjani, Uyazi ukuthi kungafinyelelwa kanjani enhliziyweni yabantu.

114 Umkhomo wavula umlomo wawo, futhi kwaphuma umprofethi, unkulunkulu wabo, futhi wathi, "Uma ningaphenduki, ezinsukwini ezingamashumi amane lendawo izocwila!"

115 Khona ngqo emBhalweni esiwufundayo lapha kulentambama, uJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo . . . "

116 Manje-ke, bukani ukuthi bacelani lapho kuqala, bathi, "Sikhombise isibonakaliso, Nkosi," abaFarisi bathi kuYe, bathi, "sikhombise isibonakaliso."

117 Wathi, "I—isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso, futhi abazukunikwa-sibonakaliso kuphela isibonakaliso sikaJona. Ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuba sesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku."

118 Manje, nina bantu abanomqondo wokomoya, vulani, bhekisisani lokho, bhekisisani lokho, ningafundi nje phezu kwakho ngqo, makuthi uMoya anibambele khona. Bhekisisani: Hlobo luni lwesizukulwane olwalufuna isibonakaliso na? Lesisizukulwane, lesi yilesosizukulwane esibi nesiphingayo esiyofuna isibonakaliso ndawo zonke, zonke izibonakaliso ezincane abazifunayo. Wathi, "Sasingeke sibekhona isibonakaliso, kodwa isibonakaliso sikaJona."

119 Wayeyisibonakaliso sani uJona na? Uvuko. Uvuko, yileyonto esiyibonayo manje, isibonakaliso sokuvo. UJesu uyaphila, Akafile, Uphakathi kwethu, enza into efanayo Ayenza ngaleyonkathi, leso yisibonakaliso lesosizukulwane esasizosemukela.

120 Wena uthi, "O, Wayekhuluma ngesizukulwane ngaso lesosikhathi."

121 Qhabo, mnumzane, buka izibonakaliso abazemukela ngaleyonkathi kuYe, Wayekhuluma ngalesisizukulwane, "isizukulwane esibi nesiphingayo." Bukani lapha manje ezweni lakithi, ukuphinga kunjengeSodoma neGomora, impela kunjalo, futhi kwanda nsuku zonke.

122 "Leso sizukulwane esibi nesiphingayo sizofuna isibonakaliso, futhi bayosithola." Wethembisa ukuthi bayosithola, babezothola isibonakaliso seqiniso esivela eZulwini. Qhathanisa lokho nezinsuku zaseSodoma, "Kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ngethemba ukuthi niyakuthola lokho. Niyabo? "Kuyobakhona isibonakaliso abanikwa sona," Washo. IZwi likaNkulunkulu impela lisechashazini kuyo yonke indawo eBhayibhelini.

123 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Bukani leyoNgelosi ezansi lapho eBandleni elikhethiweyo, kulokho Ekwenzile; bukani uJesu, lokho Akwenzile esizukulwaneni saKhe; bukani phansi lapha kulesisizukulwane, Akwenzayo manje. Bazokwemukela isibonakaliso, kodwa abayikusikholwa, nakho lapho okhona, kodwa kufika ngokufanayo nje.

124 "Isizukulwane esibi nesiphingayo sizofuna isibonakaliso." Futhi bazoba naso, bazosinikwa. "NjengoJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo iNdodana yomuntu izoba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku."

125 Kodwa ukuvuka kuzoba yisibonakaliso, nesibonakaliso sokuvuka sinikwa iBandla ngalolu izinsuku zokugcina. INgelosi kaMoya oNgcwele e—emihlanganweni, ikhombisa izinto ezifanayo, yenza izinto ezifanayo esizweni sonke, ifakazisa ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo onguye nje izolo, namuhla, naphakade. Leso yisizukulwane esiyokwemukela.

126 Bese-ke Eza endlovukazini, indlovukazi, siyibiza ngeNdlovukazi yaseSheba, "INdlovukazi yaseNingizimu," Washo lapha, wathi, "iyovuka ngezinsuku zokugcina futhi isilahle lesisizukulwane. Iyovuka ngosuku lokugcina," lokho kukanye nesizukulwane sezinsuku zokugcina, "iyakuvuka kanye nabo futhi izokulahla, ngoba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, kepha nokho, ngithi kini lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni."

127 Manje, ake sithathe indlovukazi encane ngezinsuku zikaSolomoni, futhi silalelisise. Manje, zonke izifundiswa zeBhayibheli ziyazi ukuthi izinsuku zikaSolomoni kwakungunyaka wegolide wa—wama-Israyeli. Lezo kwakuyizikhathi ababengenazo izimpi ezingafinyelela kunoma yini, bakha ithempeli, nazo zonke izizwe, emva kukaDavide, zazesaba u-Israyeli, futhi zangenisa izinto ezinkulu, nengcebo, namandla, nempi enamandla, akukhomuntu owabakhathazayo.

128 Futhi khona-ke babenakho, uNkulunkulu wabanika isiphiwo. UNkulunkulu unikeza iziphiwo kuzo zonke izizukulwane, isiphiwo soBukhona baKhe. Manje lalelani, khona-ke sithola ukuthi uSolomoni, emva kokuba esemukele lesisiphiwo sokubona okufihlakele, safakwa emnyakazweni, nabantu abavela ndawo zonke bamkholwa. Manje, ukubake babesalile lesosiphiwo na? Ngani, babeyoba—babeyoba yizwe elilahlekile. Kodwa bakukholwa, bonke bakukholwa, akunandaba ukuthi uSolomoni wenzeni, babesalokhu behlala nakho. Babekholwa ukuthi wayeyinceku ethunywe ivela kuNkulunkulu.

129 O, ukuba-ke ibandla lamaKristu kulobubusuku, ukuba-ke ibandla lamaKristu namhlanje belingakholwa iSipho uNkulunkulu abathumele sona na? UMoya oNgcwele. Ukuba-ke bebeyoSemukela na? Ukuba-ke onke amahlelo abengabuthana ngakuMoya oNgcwele, njengoba u-Israyeli wabuthana ngakuSolomoni nalesosiphiwo na? UMoya oNgcwele uyiSipho ebandleni, nebandla liyasixosha futhi lisivale ngezimfundiso zethu, nesayense yethu yezenkolo, nezinto. Izivumokholo zethu ezenziwe ngumuntu, sivalela uKristu ngaphandle ngqo, ungavumeli uMoya oNgcwele ungene, akukho zimangaliso, akukho kumemeza, akukho kukhuluma ngezilimi, akukho zindumiso zikaNkulunkulu.

130 Awu, uma uMoya oNgcwele wenze lokho eNcwadini yeZenzo, Uzokwenza into efanayo namhlanje, ngoba iNcwadi yeZenzo ayisizo izenzo zabaphostoli, yizenzo zikaMoya oNgcwele *ku*baphostoli. Futhi NguMoya oNgcwele ofanayo eBandleni namhlanje, Uyokwenza ngendlela efanayo futhi unikeze imiphumela efanayo. Kungani wemukele isibambiso lapho izibhakabhaka zigcwele amandla ePhentekoste angempela na? Asidingi ukuba sibe nesibambiso, singaba nokwangempela. Ngiyazi ukuthi kuyiqiniso, mfowethu, dadewethu, kuyiqiniso, manje, izenzo zikaMoya oNgcwele.

131 Qaphelani kule—lendlovukazi manje, noma, uSolomoni, njalo, kuqala, sithola ukuthi ngezinsuku zenkonzo yakhe, bonke abantu babuthana, ngakuSolomoni. Futhi wonke umuntu wakhuluma. . . Kwakungekho-muntu owayekhuluma ngokumelene naye, wonke umuntu wayengakuye.

132 Manje, ukuba-ke lonke ibandla lamaKristu namhlanje belingabuthana ngakuMoya oNgcwele na? Akekho othi, "Ubuhlanya." Akukho-muntu oWushoyo, ukuthi aWunjalo. Wonke umMelika ubeyothi, "O, he! Esizweni sakithi semukele uMoya oNgcwele." Ukuba-ke uMongameli wethu othandeka kakhulu u-Eisenhower, nabo bonke a—a—abangenele ukhetho, kanjalonjalo, balolukhetho, futhi bonke abantu babekuzwana kunye nje, futhi babehamba bezungeza bethi, "O, sibusiswe kakhulu, sibusiswe kakhulu! UMoya oNgcwele usivakashele, futhi Uphakathi kwethu." Ukhona.

133 Bukani, ngenkathi ngehla emkhunjini ezansi lapho, ibhanoyi e—eNdiya, bathi, "Asifuni ukwazi isayense yakho yezenkolo, asifuni ukukuzwa uthi uyisithunywa senkolo. Siyaqonda ukuthi uNkulunkulu ukunike isipho ukwenza iBhayibheli liphile futhi, sifuna lokho." Yilokho-ke.

134 O, mfowethu! Uma lonke iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe beliyovuka ngamandla kaMoya oNgcwele, izizwe beziyosesaba lesisizwe. Banamabhomu e-atomu manje, futhi bazosiqhumisa sibe yizingcezu ngolunye lwalezizinsuku, futhi niyakwazi lokho. "Amazulu azosha," kwasho uPetru,

"nomhlaba uzosha ngo—ukushisa okukhulu okuvuthayo," kanjalonjalo, siyazi ukuthi kuyeza. Kodwa uma-ke thina, uma . . .

135 Abantu namhlanje, bezama ukumba phansi bangene emhlabathini ukuthola u—umpheme webhomu, ukubeka uhulumeni ezansi eKentucky ndawondawo komunye wemigede. Manje banebhomu abangakwazi ngisho ukulicashela emgedeni, uhamba ujule ngamafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu emhlabathini, noma uma ubuwenze ngensimbi eqinile, amafidi angamakhulu amahlanu emhlabathini, ukuzamazama kwalokho bekungabulala konke . . . bekungaphula onke amathambo emzimbeni wakho, impela bekuyokwenza, kuqhumise imbobo emhlabathini isikwele esingamamayela angamakhulu namashumi amahlanu, ikhulu namashumi amahlanu, amafidi angamashumi ayisikhombisa nanhlanu ukujula emhlabeni.

136 Uyoke usuke kanjani kukho na? Awu, ngizonitshela khona manje, iBandla linompheme, awenziwe ngensimbi, wenziwe ngezimpaphe, ngaphansi kwamaphiko aKhe iBandla lizohlala, futhi lizophakanyiswa lingene eNkazimulweni, lisuke ezintweni zezwe. Impela.

137 O, uma isizwe besingalalela kuphela futhi semukele futhi sibuthane ngaseSiphiweni, lona bekungaba unyaka wegolide. ISipho nguMoya oNgcwele uNkulunkulu awuthumela emuva. "Bhekani, Ngiyathumela isithembiso sikaBaba waMi phezu kwenu, hlalani emzini waseJerusalema, nize nembathiswe amandla avela Phezulu."

138 UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa iSipho sikaMoya oNgcwele."

Bathi, "Awu, lokho kwakungokwabo nje."

139 Kwakuyikho na? Wathi, "Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." ISipho singesalowo othandayo, angeza. Futhi ngakulabo baseMelika abakhulekayo, nalaba okhokho abadala abaphuma belwa ukulwa okuhle kokukholwa futhi bamisa lesisizwe phezu kwemigomo yeBhayibheli, futhi ngabantwana babo ababambelele kuNkulunkulu, olethe imvuselelo elethwe eMelika.

140 Kodwa basengcosaneni ngesibalo, abanye, amandla obuKhomanisi emabandleni, futhi niyawubona lombuthano omkhulu ngalababefundisi, nabo bonke, kulokhu ukwenza kwebandla okukhulu lapha, ngisho bephethe amakhadi obuKhomanisi emaphaketheni abo, abaholi balamabandla amazwe ngamazwe, kanjalonjalo, konke nje kuyikhekheba lezinyosi konke. Kufanele kufike ngaleyondlela, ukuthi alikho

elinye idwala noma asikho esinye isisekelo ngaphandle kukaJesu Kristu. “Phezu kwalelodwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeLehlule.” Amen! Yilowo umqondo.

141 Kwakukhona indlovukazi, noma, uSolomoni, bonke abantu bebuthana. Ngani, izindaba zahlakazeka ndawo zonke. Awu, ngamandla amancane nje ebandla, izindaba zikaMoya oNgcwele uwela lapha futhi unikeza imihlangano emikhulu zibize lababefundisi emhlabeni jikelele, ndawo zonke, kulawomandla amancane nje. Kwenzani na? Kudonsa kukhipha abaKhethiweyo, kudonsa kukhipha abantwana bakaNkulunkulu e. . . “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.” Bavela ndawo zonke, beza eNkosini, EJalimane, bevela eSwitzerland, bevela e-Afrika, bevela eNdiya, bevela e-Eshiya, emhlabeni wonke bayeza. Imililo yemvuselelo yakhiwe kuwo onke amagquma, cishe impela.

142 Abantu, abaKhethiweyo, bonke abanye behlekisa ngabo, bababize ngabagingqiki abangcwele nezinhlanya, lokho akusho nokukodwa. Kodwa i. . . qiniseka ukuthi yi—yinhloso kaNkulunkulu ukuthi bayokulahla, ukuze Akwazi ukukulahla lokho. Impela. Uma benga. . . Uma bekulahla, balahla Yena, “Ngokuba konke enikwenzile kwabancinyane balaba, bazalwane baMi, nikwenzile kiMi, noma yimuphi walaba abakholwa yiMi. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwa yiMi.” Wazi kanjalo-ke. Hhayi ukuzisho ukuthi uyakholwa, kodwa “Izibonakaliso eNgizenzayo, bayozenza futhi. Lokho kuyoba yi—yisiqinisekiso, iphimbo enkonzweni yabo ukuthi bakhuluma iqiniso.”

143 Madoda nabesifazane, phaphamani eqinisweni lokuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Singaphansi kwamathunzi omusa waKhe khona manje, kodwa ngelinye ilanga siyoba ngaphansi kwamathunzi okwahlulela, ngoba senqabe amathunzi omusa. Balekelani eDwaleni.

144 Manje-ke, ini na? Qaphelani, bonke abantu babuthana ngakuSolomoni, isiphiwo sasinamandla, senze izinto ezinkulu. Abakaze babone noma yini enjengayo, babazi ukuthi yayifanele ivele kuNkulunkulu. Ukubona okufihlakele okunjalo, abakaze bakubone okunjalo. Bonke abedlula ngendlela, bebeyofuna ukudlula futhi babone uSolomoni, bafuna ukukubona.

145 Ngani, uNehru, nomunye, noKhrushchev, nabo, besingeke size kulesisizwe ukubona nje ukuthi yimiphi imigwaqo emihle esifanele siyithathe, bebengeke bafune ukubona ukuthi hlobo luni lwezakhiwo ezinkulu esinazo, ukuthi sinomnotho ongakanani, nokuthi kanjani amapulazi ethu, ukuthi zingakanani ezolimo, noma okunye nokunye, bebengeke beze ukuzobona lokho, uma sonke sibuthanele ngakuMoya oNgcwele, bebeyolambela kakhulu uNkulunkulu, bebeyokwesaba kakhulu,

ngoba bayazi ukuthi uNkulunkulu ulawula yonke imisipha yomhlaba.

146 Yebo, yilokho esikudingayo namhlanje nga—ngabesilisa nabesifazane bebuthana ngaseSiphiweni sikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele usebenza kubo, ukhombisa uBukhona baKhe nabo, ukuze bakwazi, abantu, abanye abangakholwayo, bangahle babone ukuthi nguNkulunkulu.

147 Manje, sithola ukuthi abantu bedlula bathola ngoSolomoni, nodumo lwakhe lwasabalala emhlabeni wonke, futhi kwehla njalo, iBhayibheli lasho, kuya emikhawulweni yomhlaba. Manje, lezo kwakuyizingxenye ezinkulu kakhulu zezwe elaziwayo ngalolosuku. Futhi uma nizoqaphela, kuyibanga impela ukusuka ePalastine wehle unqamule uGwadule iSahara, ungene lapho eyayiyindlovukazi khona, iNdlovukazi yaseSheba.

148 Manje, ake sicabange, wonke umuntu edlula, ubeyodlula ngasendlovukazini encane, niyazi, futhi bathi, "Awu, singabahambi, kade sisenhla emazweni *athize-thize*. O, ufanele uye ePalastine. Bangabantu abanamandla, bonke bakuzwana kunye, isizwe sonke siqhakaza ekucebeni. Futhi banendoda phezulu lapho enesiphiwo esivela kuNkulunkulu wabo, ukuthi lowomuntu wenza njengoba nje uNkulunkulu wabo ubengenza, ukuba Ubemi lapho."

149 Niyazi, ukukholwa kuvela ngokuzwa, niyabo. Naleyondlovukazi encane ibiyothi, "Wazini ngalokho na?"

150 O, bese kufika umfo olandelayo, "Yebo, ngi . . . Ndlovukazi encane, sifikile, futhi kade sihamba, udwendwe lwethu lwamakameli ngamakameli. Futhi—futhi sedlule eGibhithe, sedlula kuwo wonke amazwe, futhi lapho sifika ePalastine, bayasho, banoNkulunkulu onamandla phezulu lapho, uNkulunkulu ophilayo. O, sinawonkulunkulu ezweni lakithi, kusobala, kodwa banoNkulunkulu osebenza kubantu baKhe, UnguNkulunkulu wangempela, ufanele ukubone. Baze bathatha lendoda uSolomoni, futhi bayenza inkosi yabo. Futhi o, uNkulunkulu wabo unamandla, ufanele uMbone."

151 Niyazi, ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi. Uma umuntu enanoma yini ngaye okukaNkulunkulu, lapho ezwa imisebenzi kaNkulunkulu, uzoqala ukulamba. Iqala ukucabanga ukuthatha uhambo oluncane. Kodwa ilindele lokhu . . .

152 Manje, yayihlala ezweni labahedeni, siyazi, yayingumhedeni, umhedeni, qobo lwakhe. Kodwa ake nje sithathe umdlalo wasesiteji omncane manje. Sengathi ngiyabona manje, yona esithunzini sayo, ngaphambi kokuba ishiye izwe, yayizodingeka ixhumane nebandla layo nompristi wayo ongumhedeni, uma yayizokwazi ukuhamba.

153 Ngakho, sengiyayibona iya ngale kumpristi wayo, futhi yathi, "Baba ongcwele, ngi—ngizwile izindaba ezinkulu zama-

Israyeli, ukuthi uNkulunkulu wabo enhla lapho ugcobe omunye wabazalwane babo—babo, futhi uyindoda enkulu, ukuthi ukhombisa izimanga, nezibonakaliso, nokuhlakanipha, futhi angehlulela imicabango yabantu, nezinto ezinkulu azenzayo enhla lapho."

154 Sengiyamuzwa umpristi ongumhedeni ethi, "Mntanami, uyazi ukuthi uyindlovukazi na? Uyilunga lalelibandla, ibandla lalesisizwe esikhulu oyindlovukazi phezu kwaso na? Ubuwazi ukhokho kakhokho kakhokho wakho, nabo bonke kwehle babeyizindlovukazi ngaphambi kwakho na? Ubungalihlazisa ibandla lakho nabantu bakho uku—ukuthamela umhlangano wobuhlanya obunjalo njengalowo na? Ngani, uma onkulunkulu bake benza noma yini, onkulunkulu bethu bebeyokwenza ebandleni lethu." Uma leso kungesiso isimo sokuziphatha namhlanje, angizange ngikwazi. Yebo, mnumzane.

155 "Ngani," ithi, "kodwa lalela, ngiyaqonda, ukuthi—ukuthi Akasuye uMuntu e—esikhuluma ngaye. Manje, ukhulume ngalezizithixo lapha esizikhonzayo, futhi angikaze ngibone nesisodwa sazo sinyakaza yonke impilo yami. Futhi ulokhu usho ukuthi ziyini, nokuthi zizokwenzani, nokuthi zizokwenzani, nokuthi yini ezayenza, angikaze ngibone nowodwa umnyakazo wakho. Into kuphela enginayo ngamanye amazwi nje lapha ebengifunda ngawo. Kodwa bangitshela ukuthi uNkulunkulu wabo uyaphila. Ngifuna ukuthola into ethize yangempela."

156 Lokho ngukulamba kwayo yonke inhliziyo yomuntu, bafuna ukuthola into ethize yangempela. Bayazi ukuthi bavela endaweni ethize emnyama, futhi bangena phakathi lapha, futhi babuyela kulelozwe futhi abangalazi. Babheke ukuthola into ethize engaleya kwekhethini, leyo kwakuyinhliziyo yakhe.

157 Awu, sengiyamuzwa umpristi eyitshela manje, "Ndodakazi, uma wenyukela lapho, sizokuxosha ebandleni. Sizovele nje silisuse igama lakho encwadini, futhi ungeke ube—ngeke usaba yilunga lalelibandla."

158 Kodwa niyazi ukuthini? Uma ukulamba kukaNkulunkulu kungena enhliziyweni yomuntu, akukho lutho ezweni oluzobamisa, kunjalo, lapho inhliziyo iqala ukulamba. UDavide wathi eBhayibhelini, "Lapho utwa lubizana notwa."

159 Manje, uma kukhona utwa lubiza, kuzofanele kubekhona utwa lokusabela kulo. Uyakukholwa lokho na? Manje, ngenye indlela kanje, uma ngaphambi kwalapho. . . Awu, ngafunda ngesinye isikhathi lapha eminyakeni embalwa edlule ephepheni, mayelana nomfana omncane edla amarabha epensela esikoleni. Uthisha wayemnika elinye ipensela, udla irabha kulo. Nonina wamthola ngolunye usuku phandle edla isitibili ebhayisikilini, e. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kwakufanele kube yi—yisibabule ukuphendula kulokho kulangazelela. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngenye indlela, ngaphambi

kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali ukudala okudaliweyo.

160 Futhi inqobo nje uma nilapha namhlanje, nina bantu enigulayo, nizingela ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu, ngoba niyakholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu ongaphulukisa abagulayo lokho kukhombisa ukuthi kukhona umthombo ovulekile ndawondawo wokuphulukisa. Kungukuthi nifuna okuningi kukaNkulunkulu, ngenxa yokuthi kukhona umthombo ndawondawo lapho ongathola khona okuningi kukaNkulunkulu. Lapho utwa lubizana notwa, kuzofanele kube khona utwa lokusabela kulolobizo.

161 Manje, indlovukazi encane, izwa ngoNkulunkulu ophilayo Owayehlala nabantu baKhe, kwadala ukoma. “Babusisiwe,” kwasho uJesu kuMathewu 5, “abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.”

162 Kukhona ukusabela lapho woma, kukhona okuzoqeda lokho koma. Izivumokholo zethu, ihlelo lethu alisoze lenelise lokho koma, ufanele uthole ubuqiniso bukaNkulunkulu ophilayo, futhi indlela kuphela oyoke ukwenze ngayo, ngukugcwaliswa ngoMoya waKhe, Lokho ngukuqeda lokho koma. UyiSabelo esenelisayo eBandleni laKhe, Owenele konke, owenelisa konke ukulangazelela. Lapho umuntu eshiya izinto zezwe futhi eza kuKristu, uthola lokho kwenelisa konke kuKristu, lapho ethola uKristu.

163 Manje, khona-ke uqala ukoma, futhi i, kusobala umpristi wayitshela ukuthi yayingeke ihambe. Kodwa, niyazi, kukhona okuthize ngakho, uma umuntu efuna ukuthola uNkulunkulu, akukho lutho oluzobavimba kukho.

164 Manje, inenekazi elincane lalinezithiyo. Futhi wonke umuntu ozama ukuza kuKristu uzothola izithiyo, kukuyo yonke indawo. Kuqale nje kanye, futhi uthole. Qala ukuhamba eduze noNkulunkulu, uthole ukuthi kuzokwenzekani, kuzame nje, udeveli usemnyango ukukumisa ngandlela zonke.

165 Manje, into yokuqala, laliyindlovukazi, futhi lalinezindlela ezinde ukuba lizihambe, ladingeka lishiye ibandla lalo, ladingeka lishiye umpristi walo—walo, ladingeka lishiye ibandla lalo, kodwa uJesu washo ukuthi, “Ongayikushiya ngisho uyise, unina, umkhwenyane, unkosikazi, abantwana, nabo bonke, futhi aNgilandele, akafanele ukuba ngumfundi waMi.” Kungukushiya, umhlatshelo, ukudela.

166 Wena uthi, “Awu, ngi. . .ngi. . .Uyazi, ngingowamaqembu athile, ngingowalamaphathi, futhi sonke siyakwenza . . . ”

167 Ufanele ushiye yonke into, ufanele wenze ukukhetha kwakho manje. Ukulungele ukushiya *yonke into* ukuba ulandele Yena na? Uma uNkulunkulu eya kofaka ukoma enhliziyweni yakho, uyoshiya yonke into ezweni. Ngahamba ngasuka kubaba wami uqobo nomama, ikhaya. Nginonkosikazi nabantwana

abathathu behlezi khona phandle lapho manje, uma bebengangitshela, "Akusekho ukushumayela," bengiyohamba ngisuke ngqo ekhaya, yebo, mnumzane, njengoba ngibathanda kakhulu, ngibafele khona lapha kalula, kodwa uKristu uyikho konke.

168 Uyimpokophelo yami, futhi ngi. . .inhloso yami kuYe ngukunikela ngakho konke enginakho ukuba ngiMlandele, noma ngabe ngibizwa ngohlanya, noma ngabe ngibizwa ngomphulukisi ngokukaNkulunkulu, umgingqiki ongcwele, noma kungaba yini. Anginandaba nezinto zezwe, futhi angikholwa ukuthi noma yimuphi umKristu unendaba, sifuna ukulandela uKristu. Leyo yimpokophelo yami, ngiMlandele, ngiMphakamise. Yilokho esikudingayo namhlanje, ngabantu abavumayo ukunikela.

169 Manje, indlovukazi encane yayinemibono ekhaliphile, ngithanda ukuba niqaphele, yathi, "Manje, angikaze ngikubone lokhu, angazi lutho ngakho." Ngakho-ke, sengathi ngiyabona into yokuqala indlovukazi encane eyayenzayo kwakungukuthenga iBhayibheli layo, ukuze ikwazi ukufunda futhi ithole. Yathi, "Manje, uma kuwuhlobo oluthize lokufakelwa, ngeke kuhambisane neBhayibheli, iBhayibheli labo, kodwa uma iBhayibheli labo liyibikezele into enjalo, khona-ke kuzoba ngokuqinisile."

170 Manje, yilokho amaKristu abefanele akwenze. Lapho uza emhlanganweni, ungalahli, kuqala hlola imiBhalo. Yena. . . Kuthiwani ukuba babeyo—kuthiwani ukuba babeyobe bekade beqotho kangako kuJesu na?

171 Wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba YiYo efakaza ngaMi, futhi kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade. Ucabanga ukuthi unokuPhila okuPhakade, futhi Iyafakaza ngaMi." Kunjalo, impela.

172 Watshela abaFarisi, labobefundisi basesontweni abakhulu bangalolosuku, bathi, "Ungalibuka ilanga, liguqubele, uthi, 'Kusasa lizoba nezulu elibi, futhi uma licwebile kusasa, isimo sezulu sizoba esikahle.'" Wathi, "Nina bazenzisi! Nifanele nibe ngabefundisi basesontweni, futhi niyakwazi ukwehlukanisa kangcono izinto zezwe kunoma ningakwazi ukwehlukanisa izibonakaliso zesikhathi."

173 Uma lokho kungesilo iqiniso namhlanje! Wonke umuntu onentshisekelo yokuthi ubani ozoba ngumongameli. Nami nginguye, kodwa kwenza mehluko muni na? Ngifuna ukwazi ukuthi Ubani ozoba yiNkosi yaPhakade, uKristu. Yileyonto esemqoka. Ngifuna ukwazi ngesizwe sakithi, nginentshisekelo kuso, ngingumMelika, ngikhathalele isizwe sakithi, kodwa, mfowethu, lokho makube ngokwesibili, uNkulunkulu wami ungowokuqala. Yebo, mnumzane.

174 Kodwa into yakho ingukuthi, bathatha isizwe, izinto zezwe, "Ubani ozobakhona, ubani ozodlala lomdlalo nengcweti yamabhayisikobho *ethize-thize* na?"

175 Inqwaba yabantu, abantu abaningi namhlanje, amalunga ebandla, Abantu bePentecostal, amaBaptisti, amaPresbyterian angakutshela okuningi ngempilo yebhayisikobho kunoma bengakutshela ngempilo yeBhayibheli. Abantwana abaningi bangakutshela ngoDavy Crockett, noma—noma u *Gunsmoke*, noma abanye babo, bengakwenza ngoJesu Kristu, yingoba yilokho abafundiswa khona emakhaya abo. Bese-ke sikhuluma ngobuhlongandlebe bentsha na? Ngubuhlongandlebe babazali nobuhlongandlebe bebandla. Kunjalo impela. Ubuhlongandlebe babefundisi basesontweni bokushumayela iZwi, noNkulunkulu esebenza ngebandla, eqinisa iZwi ngezibonakaliso zilandela.

176 U-Ananiya noSafira wayehlala ebandleni, emanonini ebandla futhi abazange bamemeze futhi basho izono zabo, ngoba bangabakhokhi abakhulu kunabo bonke okhona ebandleni. Omunye u-Ananiya onomsebenzi omkhulu angafaka amadola ayizinkulungwane ezinhlanu ngonyaka, ubengaphuza, abheme, agembule, aphinge, futhi angaba ngumdikoni ngesikhathi esifanayo. Mfowethu, ngiyakutshela, lapho uMoya kaNkulunkulu ungena ebandleni, Uyodabula leyonto uyivule futhi uyiklebhule, njengoba Enza ngenkathi Efika ngesinye isikhathi ethempelini, abashintshanisi bemali.

177 "Abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebi, abahlebayo, abangazithibi, abazonda abalungileyo, abanamawala, abazidlayo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika, labo-ke wobagwema." Ngicaphuna umBhalo, uThimothewu wokuQala 3.

178 Manje, lapho nibona lezozinto zenzeka, futhi nazi ukuthi ihora esiphila kulo, ubuqotho ibandla ebelifanele libe kubo, futhi nokho nje kuyamangalisa. Wehlela lapha emakethe, noma i, noma, uye kulobubusuku uyodla idina, futhi bakuhlelela isitsha sesobho, nesicabucabu esikhulu sikulo, awu, ubuyofuna ukumangalela inkampani, impela, impukane ikulo, ubuyokwenza, ngani, ubuyobiza uweta futhi umklabalasele ngayo yonke into, futhi nokho uzohamba uzungeze ngqo, uthathe isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu, bese uyiphusha yehle ngomphimbo wakho, "Joyina ibandla, yilokho kuphela ofanele ukwenze."

179 "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angengene eMbusweni." (Bhekana nakho. . .?. . .) "Futhi lezizibonakaliso ziyakubalandela emva kokuba sebezelwe ngokusha." Niyabo? Yilokho uJesu akusho. Lokho kuletha uphawu lokwahlukanisa eBandleni, izibonakaliso nezimanga zikaKristu ophilayo ovukileyo, ephila eBandleni. Abakufuni namhlanje.

180 Leyondlovukazi encane yayikufuna. Kodwa into yokuqala eyayifuna ukuywazi, "Ngabe kwakungokomBhalo noma qha na?" Yatadisha yonke imiBhalo. Yayisithi-ke, "Ngizokwenza enye into, ngiyindlovukazi, futhi uma lowomlayezo uqinisile, ngizoweseka." Futhi yathwesa amakameli ngegolide, nenhlaka, namakha, nalolonke uhlobo lwezingubo ezibizayo, nokunye okunjalo. Yathi, "Uma kuqinisile, uma lowoNkulunkulu enguNkulunkulu wangempela, khona-ke sengiqedile ngalento ebengiyikhonza, futhi ngizokwesekela ngakho konke enginakho." Yileso isimo sokuziphatha.

181 Lalela, uNkulunkulu akanandaba kangako nemali yakho, kodwa Ufuna wena uMesekele ngakho konke oyikho, Akafuni amaphesenti ayishumi emali yakho, kakhulu njengoba Efuna isikhathi sakho, ithalente lakho, ubufakazi bakho, nakho konke oyikho ukuba kunikelwe ezandleni zaKhe, ukuze Akwazi ukukulawula. Ufuna ukuba yiNkosi yakho, hhayi kuphela uMsindisi wakho, kodwa iNkosi yakho, ubukhosi, ukuba akubuse. Futhi Yena . . .

182 Futhi yathi, "Ngizokweseka uma kuqinisile, uma kungenjalo, ngingabuyisa imali yami ekhaya." Leyo yinto enhle, enengqondo ukuba inqwaba yamaMelika ayilalele, ngicabanga kanjalo namhlanje, futhi. Lonke uhlobo lohlelo, futhi nilwesekele, futhi nigxeke yona impela into enikholelwa kuyo. Kunjalo. Niphume, nesekele abashumayeli bomsakazo nezinto . . .

183 Angikulahli lokho, anginahlelo lomsakazo, angihlosile neze ukuba nalo. Kungahle ukuba bekukuthelevishini na? Impela. Naninezakhiwo, namabandla, nokunye nokunye na? Ngakulahla, ngakuxosha. Ngifuna ukuthobeka, ngifuna ukuhlala endaweni, ngize ngikwazi ukuya noma yikuphi, ngaphansi kwanoma yisiphi isimo, futhi ngishumayele nomaphi lapho uNkulunkulu engiholela khona ukuba ngihambe ngingaboshiwe izintambo, kungekho lutho nhlobo, ngikhululeke nje ukwenza futhi ngisho lokho uMoya oNgcwele athi angikusho, leyo yinhloso yami. Yebo, mnumzane. Hlala nalokho, nje uholwe nguMoya waKhe.

184 Ukuba-ke bengifanele ngenze amadola ayizinkulungwane eziyishumi ngosuku na? Ukuba-ke bengifanele ngenze inkulungwane yamadola ngosuku na? Nicabanga ukuthi bengingaba seKlamath Falls na? Impela akunjalo, angikwazanga. Kusobala angidingi ukuba ngibe nalutho, okwenele nje ukondla abantwana bami, UNkulunkulu uyakuqinisekisa lokho, ngakho yilokho kuphela okudingekayo. Ngakho nakho lapho esikhona, akukho zisekeli nezinto ezinjalo. Futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unikeza abefundisi izinhlelo zomsakazo nezethelevishini, ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yami yonke, kodwa Akanginikanga khona.

185 Manje, into yakho ingukuthi, uma wesekela into efanele, kodwa kungani usekela into elahla iPhentekoste, nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, namandla kaMoya oNgcwele, futhi ihlekisa ngakho, futhi uyajika, futhi udedele umshumayeli wakho uqobo emsakazweni alambe, futhi ufanele anqamule uhlelo lwakhe, nokusekela okunjalo na? Angikuqondi. Futhi ngazi izinkulungwane ezikwenzayo. Bengiyokwesekela khona impela ebengikholelwa kukho, nalokho ebengicabanga ngakho, bengingahlala ngethembekile kukho ngize ngife, yebo, mnumzane, ngakho konke, hhayi imali yami kuphela, kodwa umphefumulo wami, ulwazi lwami, ubufakazi bami, ubukhona bami, okwami . . . yonke into ebengingayenza, bengiyokwesekela.

186 Leyondlovukazi encane yayinomqondo ofanayo, akumangalisi iyoma kulolusuku lokugcina futhi ilahle isizukulwane namhlanje. Yebo, yayizokweseka ngakho konke eyayinakho, yabeka igolide layo nezinto.

187 Manje, into elandelayo, yayifanele ihambe ibanga elide ukuze izwe lendoda, okukhulunywe kakhulu ngayo. Manje, yayifanele iwele uGwadule iSahara. Niyazi ukuthi kuyithatha isikhathi esingakanani ukukwenza na? Kuyithatha cishe izinyanga ezintathu, izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, futhi ayifikanga ngeCadillac enesishayisamoya, qhabo, iza ngomhlane wekameli. Kunjalo.

188 Akumangalisi iyosilahla lesisizukulwane, abantu angeke ngisho bahambe banqamule isitaladi ukuzwa umlayezo onjengawo, ukubona uMoya kaNkulunkulu unyakaza futhi wenza izimanga, bayohlala emagcekeni abo angaphambili futhi bakugxeke, baye ezindaweni futhi bakulahle, futhi yavela emikhawulweni yomhlaba emhlane wekameli, yayifanele ihambe ebusuku.

189 Enye into, bukani ukuthi yini eyayisendleleni yayo, amadodana ka-Ishmayeli yayisehlane ngalolosuku. Babengababaphangi, nayo nayo yonke leyomali, inqamula ugwadule, idlanzana lamasosha, izintombi ezimbalwa zinayo njengabaqaphi bomuntu siqu, abathenwa abane noma abahlanu bemi beyizungezile, futhi behamba bephumela lapho naloluhide olukhulu lwabahamba ngezinyawo abasheshayo, ama-Arabu agibela amahhashi, awela ugwadule lapho, futhi wayengathatha konke eyayinakho, ukubulala, futhi abayeke balale lapho.

190 Kodwa kukhona okwaziyo na? Lapho unokulambela uNkulunkulu enhliziyweni yakho, ingozi ayimi ngisho nasendleleni eza kuwe. Ulokhu uqhubeka nje, ukhwela uqhubeka. Akukho lutho oluzosehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu. Kunjalo, ulokhu uqhubeka. Yayilokhu iqhubeka nje, ayizange icabange ngokufa.

191 Empeleni, uma ulambele uNkulunkulu, udeveli uzobeka zonke izithiyo angazibeka endleleni yakho, kodwa uKristu uzokususa endleleni, hamba nje ekuKhanyeni, njengoba EsekuKhanyeni. Qhubeka nje uqhubeke, futhi uNkulunkulu uzokwenzela indlela, Wethembisa ukukwenza, futhi Uzokwenza. Kunjalo.

192 Yaqala, yabophela amakameli ayo, yafaka zonke izipho zayo, yaqala ukunqamula ugwadule, mhlampe ihamba ebusuku, kwakushisa kakhulu. Imisebe eqondile yalelo—lelolanga kuloloGwadule lwaseSahara, icishe impela iyobule inyama isuke ngqo emathanjeni akho. Futhi nansi iza inqamula. Ngani na? Usuku nosuku, iviki neviki, usuku nosuku, inyanga nenyanga, ihamba inqamula ugwadule ngalamakameli amadala isuka emthonjeni onamanzi wasogwadule iya komunye, ilambele amanzi, ulimi lwayo lulengela ngaphandle, izindebe zomile, onke amadoda ayo ehambisana, noma ngasiphi isikhathi ukuthi ayengaphangwa noma abulawe, kwenza noma yimuphi umehluko, isendleleni yayo ukubona ukuthi lento ilungile noma qha.

193 Futhi cabangani, khona lapha kulelidolobha, cabangani namhlanje ngabantu, lendawo ibingagcwala phama futhi iminyane, igceke limi ligcwele, abantu nezandla zabo zisemoyeni, bedumisa uNkulunkulu lapho bebona izibonakaliso ezinkulu nezimanga zenzeka, izimanga, izimangaliso, wona impela umBhalo ugcwaliseka, isibonakaliso sokuvuka e—esizukulwaneni esibi nesiphingayo. Kodwa bazokwenza na? Akumangalisi iyoma ngezinsuku zokugcina futhi isilahle lesisizukulwane, njengoba uJesu asho.

194 Manje, siyathola, ekugcineni yafika emasangweni, ngokuphepha. Futhi ngenkathi ifika...Manje khumbulani, inqwaba yabantu ingena emhlanganweni onjalo, uma bezobona isimangaliso esithize sikaNkulunkulu sizokwenziwa, noma senziwa, bayothi, "Awu, ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani, ngizovele ngingene, futhi ngizohlala phansi, futhi uma lowomshumayeli esho into eyodwa engingavumelani nayo noma ibandla lami elingavumelani nayo, ngizosukuma ngqo bese ngiphuma." Lokho kukhombisa ukungakwazi ukungafundi, kunjalo impela. Lokho kukhombisa ukungakhuliswa kahle kwasekuqaleni nje.

195 Manje, yangena, hhayi ukuba ihlale futhi ibone uma umelusi esho noma yini, uMelusi Solomoni washo okuthile eyayingavumelani nakho, noma ngabe ibandla layo, yayazi ukuthi ibandla layo lalingavumelani nalokho, kodwa iyangena ukuba ihlale phansi, ukuthatha imiBhalo, nokuthi ihlale ize ineliseke ngandlela-thize noma enye. Yileyondlela yokukwenza. Thatha izinto ezisho ukuthi ngezikaNkulunkulu futhi uzihlole ngomBhalo ukubona ukuthi zingokomBhalo yini; uma zingokomBhalo, zilungile.

196 Nansi ingena manje, futhi ithulula yonke imithwalo yayo emakamelini, igxumeka amathende ayo amancane phandle lapho emagcekeni esigodlo, futhi izohlala nje ize ineliseke. Ngifisa sengathi abantu baseMelika bebengaba nalolohlobo lomqondo ofanayo.

197 "Angikhathali ukuthi umelusi uthini, ukuthi uJohn Jackson uthini, noma ukuthi ihlelo lami lithini, ngizohlala ngize ngeneliseke ngempela ukuthi ngabe kuqinisile noma qha. Futhi ngizokuqhathanisa nomBhalo, izwi nezwi, ikhasi nekhasi, futhi ngizobona ukuthi ngabe kuqinisile noma qha." Yahlala yaze yaneliseka, ukuze yazi.

198 Manje, ake sithathe ukusa kwayo kokuqala. Awu, ngizwa onke amahubo eculwa, izinsimbi zikhala, no—noSolomoni waphuma waya epulpiti, eya ekwahluleleni kwakhe, isihlalo sakhe sobukhosi, wahlala phansi, uMelusi Solomoni. Ibandla lacula amahubo, na—namacilongo ebethwa, nezinsimbi zomculo zadlalwa, nalo lonke ibandla liyafika. Ngiyayibona indlovukazi encane ithola isihlalo sayo emuva lapho, yathi, "Ngizobhekisisa nje manje futhi ngibone ukuthi kwenzekani."

199 Nakhu kukhuphuka omunye, futhi into yokuqala niyazi, wathi, "Manje ngizobona ukuthi kuqinisile noma qha." Futhi yakubhekisisa, yathi, "Ngizwile, manje, loNkulunkulu unguNkulunkulu owenza lezizinto, ngizobona uma lowoMoya kaNkulunkulu ukulendoda, lenceku yaKhe."

200 Futhi ngenkathi kukhuphuka umuntu wokuqala, uSolomoni namandla akhe amakhulu okubona okufihlakele, wakuhlukanisa ngokuphelele futhi wamtshela. O, he! Inhliziyo yendlovukazi encane iqala ukushaya ngokushesha. Usuku nosuku, futhi isikhathi nesikhathi, kwenzeka.

201 Ake sithi, ayizange, kusobala, kodwa ake sithi nje yathola ikhadi lomkhuleko, kodwa ayibizwanga isikhathi eside, kodwa emva kwesikhashana, isikhathi sayo siyafika ukuba ize phambi kukaSolomoni. NeBhayibheli lasho ukuthi kwakungekho lutho olwalufihlakele kuSolomoni, kodwa wembula kuyo zonke izinto eyayifanele izazi, wayitshela ngakho.

202 Futhi ngenkathi ibona lokhu, yathi, "Manje, ngiyakubona kusebenza kwabanye, ngiyazibuza uma kusebenza kimi. Mina, ngandlela thize, ngikholwa ukuthi lokho kuqinisile. Ngenze umhlatshelo, ngihambe izindlela ezinde, futhi ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani, ngizosukuma futhi ngibone uma kusebenza kimi."

203 Ngakho yasukuma lapho, noSolomoni wayitshela zonke izinto, iBhayibheli lathi, "Akukho lutho olwalufihlelwe uSolomoni." Ngomoya wokubona okufihlakele, isiphiwo sikaNkulunkulu, wehlulela konke eya. . .afanele ayitshele khona. Futhi kwayenelisa ngangokuthi, yanikela zonke izipho zayo ebandleni, embangeleni.

204 Futhi yama, futhi nakhu eyakushoyo: "Babusisiwe abantu abanani, abahlala nani, abanikhonzisayo, ngokuqhubekayo nani, ngokuba amehlo abo abona lokhu ngaso sonke isikhathi."

205 Akubusisiwe kuphela abantu nabo bonke, kodwa babusisiwe labo ababona lokhu kwenziwa usuku nosuku. "Babusisiwe abantu abahambisana nawe ababona lezizinto zenziwa umhlangano emva komhlangano, isikhathi emva kwesikhathi. Kubusiswe kanjani!"

206 Futhi yabona yonke inkazimulo noNkulunkulu, futhi yayingophendukile, noJesu wathi, "Iyoma ngezinsuku zokugcina futhi isilahle lesisizukulwane, ngoba iyeza ukuzokuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni."

207 Ake ngithi kini kulentambama, bangane: Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, uMoya oNgcwele, qobo lwaKhe, ulapha, uMsebenzeli kaNkulunkulu, uJesu ovukile esimweni sikaMoya, uNkulunkulu uMthumele emuva ukuba ahlale eBandleni laKhe, ukuba abe nathi, ukuba ahambe, no—nokusibusisa, nokusinika uBukhona baKhe, nokwenza imisebenzi Ayenzayo. O, ukuba kuphela besingakubamba ngqi! Uma kuphela ubungakubamba!

208 Yini eyenza leyondlovukazi encane . . . ? Sengivala, mangisho lokhu, into ethize nje ifika engqondweni yami: Isizathu sokuthi yasho lokho nesizathu sokuba ikwenze, yingoba ngokwesikhathi sayo sokuqala yabona into ethize yangempela, into ethize yangempela. Yabona into ethize eyayingenakuchazwa ngumqondo womuntu, kwakungaphezu kwemvelo. Ibone into ethize eyayazi ukuthi yayingokoqobo.

209 Indaba encane, awu, noma, akusiyo indaba, yiqiniso. Mina, wonke umuntu uyazi ukuthi ngiyazingela. Ngi—ngizingelile, umama wami uyiNdiya eliyiCherokee uhhafu, futhi ngi—ngi—ngiyawathanda amaNdiya, ngiyathanda ukuzingela, ukuphenduka kwami akuzange kukukhiphe kimi, ngizingela i-Afrika, i-Asia, yonke indawo; angisuye umbulali, kodwa umzingeli. Ngakho ngithanda . . . Ngingumlondolozi wemvelo, ngangiyi—ngangiyisikhulu sezokongiwa kwemvelo unyaka nonyaka, iminyaka eyisikhombisa e-Indiana, futhi ngi—ngiyakholelwa ekongeni izinyamazane. Ngiyakholelwa ukuba semahlathini, ukuba ngedwa, kukhona okuthize ngakho.

210 Ngangivame ukuzingela enhla eNorthwoods, futhi ngi . . . ukuba ngedwa. Yilapho-ke iBhayibheli lami lokuqala livelakhona, ngangiwuzwa umoya uvunguza ezihlahleni, ngibukele isihlahla sifa bese siphila futhi, ngibukele imbali yehla ekwindla yonyaka bese ikhuphuka entwasahlobo, ngazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ndawondawo.

211 Ngabukela amanzi esihlahla emi esihlahleni ngoSeptemba, Agasti noSeptemba, akukaze kushaywe umoya obandayo, kodwa

ngaphambi kokuba umoya obandayo uze ushaye lesosihlahla, kuyini na? Lawomanzi esihlahla ehlela ezimpandeni futhi acashe ubusika bonke, uma engakwenzi, siyofa ngesikhathi sasebusika. Futhi khona-ke intwasahlobo yonyaka, nasi sibuya siletha amaapula futhi, sikhiqiza.

212 Buhlakani buni obugijimisa lawomanzi esihlahla ehlele kulezozimpande na? Ngitshele. Faka amanzi ebhakedeni, bese uwabeka esicongweni sensika, bese ubona uma ezokwehlela phansi ekugcineni kwesigxobo. Impela ngeke, impela ngeke. Ubuhlakani buyawehlisa. UNkulunkulu usemvelweni yonke indawo, esebenza emvelweni, futhi lelo kwakuyiBhayibheli lami lokuqala.

213 Futhi ngangivame ukuyozingela nomfo, uBert Call, umkami lapha wayazi . . . umazi kahle. Futhi ngakho, sasi, senyukela lapho emahlathini ukuyozingela, futhi wayengomunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngazingela nabo. Wayeyingxenye yeNdiya futhi. Futhi wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngokulahlekelwa nguye, wayezo—wayezongena, wayekahle, wayeyazi indawo yakhe. Futhi wayengumnembi, omunye wabangcono kunabo bonke engake ngababona. Futhi awukaze . . . Ngesinye isikhathi uthatha umuntu uye emahlathini, awazi noma uzomshiya yini, futhi ufanele ulokhu umqaphile, futhi umzingele, uzoduka aye ndawondawo, kodwa neze uBert, myeke yedwa nje, wayekahle.

214 Futhi sasikuthanda ukuzingela ndawonye, sasazana. Wayengumfo okahle, kodwa indoda enonya kunawo onke engake ngawabona empilweni yami; lowomfo wayenonya ngempela. Engenabungani? Angikaze ngiyibone indoda engenabungani kangako, wayevame ukubulala amazinyane ezinyamazane amancane ukuze nje angenze ngiphatheke kabi. Futhi wayeyodubula . . . Niyazi, izinyane lenyamazane yingane encane yenyamazane idiye, nina bantu base-Oregon niyazi ukuthi ayini, futhi wa—wayewadubula ukwenza nje . . .

215 Manje, kulungile ukuthatha izinyane lenyamazane, u-Abrahama wabulala ithole futhi waliphakela uNkulunkulu. Kunjalo. Kulungile ukubulala izinyane lenyamazane uma umthetho uthi alibulawe, bangabagcini bemvelo, bayazi ukuthi yini engabulawa nokuthi yini engeke. Kodwa manje-ke, uma . . . Kodwa hhayi nje ukubulala isigejane sawo ukuba ube nesihluku, lokho lunya.

216 Futhi ngakho yena, ngolunye usuku ngenyuka ukuyombona, futhi sasiyozingela, futhi wayesungule uhlobo oluthize lwempempe encane eyenza yahambe njengelincane, izinyane lenyamazane elikhalela umama walo. Futhi ngacabanga . . . Ngathi, "Bert, awuzukukusebenzisa lokho!"

"O," wathi, "Mshumayeli, unenhliziyo yenkukhu kakhulu, hlakanipha."

Ngase ngithi, "Bert, ungakwenzi lokho."

"O," wathi, "qhubeka. Kungaleyondlela ngani bashumayeli," wathi, "ninenhliziyo yenkukhu kakhulu. Ya, qhubeka!"

217 Sahamba sizingela ngalokho kusa, futhi sa...kwakukude enkathini yonyaka, nezinyamazane amadiye yayiyindlala, ngoba isibhamu sokuqala siyadubula, ziyacasha phezulu lapho, ngoba kunenqwaba yokuzingela. Sihlala njalo sithatha isemishi nebhodlela elincane eliyiflaski eligcwele ushokoledi oshisayo, ngoba unikeza ukondliwa nokushisa, ngokushesha, emzimbeni; uma kwenzeka uzilimaze, noma okuthize, bekuyoba ngukucosha.

218 Futhi izinyamazane amadiye zaziyindlala kakhulu, sahamba kusukela cishe emini kwaze kwaba sekugamenxe eleshumi nanye, futhi sasingakaze sibone ngisho nowodwa umzila, cishe amayintshi ayisishiyagalombili noma ayishumi eqhwa emhlabathini, isimo sezulu esihle sokulandela umkhondo. Sasihambe sehla konke sadabula ezihlahleni ezinkulu, futhi senyuka sadabula ezindaweni ezinkunini eziqinile, futhi kuqhubekele kolunye ukhuni lwebhishi, kanjalonjalo, nemithi yamapulangwe eluhlaza, futhi sangabona lutho, kungekho ngisho nomzila.

219 Sifika ebaleni elincane elicishe libe ngusayizi walendlu, lelihholo elikhulu, noBert wavele waqhotha *kanje*, waqala ukufinyelela emuva ehembeni lakhe. Ngangicabanga ukuthi wayezothola ilantshi yakhe, futhi siyodla ilantshi, futhi, ngokwejwayelekile, bese-ke sehlukana emini, nomunye ahambe ngenye indlela, nomunye ngenye, bese sibuyela ekhempini ebusuku.

220 Futhi yena efinyelela emuva phakathi *lapha*, ngaqala ukuthola, ngehlisa isibhamu sami, ngaqala ukuthola ukudla kwami kwasemini, futhi ngenkathi ephuma, wayenalempempe endadlana, futhi wabheka phezulu kimi ngalawomehlo akhe abukeka njengawesibankwa. Futhi ngacabanga, "Awuzukukwenza lokho, Bert."

221 Futhi wathatha leyompempe encane, wayeseyishaya, yayizwakala njengelincane nje, izinyane lenyamazane eliyingane, niwezwile, ekhalela umama bawo. Futhi wa— futhi washaya lempempe, futhi wangibuka futhi wathi ukuhleka. Futhi okwangimangaza, ngaphesheya nje kwesikhala, enkulukazi, inyamazane yensikazi enhle yasukuma.

222 O, yayiyisilwane esibukeka kahle, ngibona lawo amakhulukazi, amehlo ansundu, lawomadlebe amakhulu ephakeme kakhulu. Ngayibuka. Yayiyini na? Yayingumama, niyabo, nengane yayisenkathazweni, futhi iqala ukuqalaza, "Iphi leyongane na?"

Futhi waphinda wangibuka phezulu kanjalo, ngase ngithi, "Uzokwenza, noma kanjani."

223 Ngambona edonsa leyongcipho kuleyo .30-06, wayengumnembi, futhi waphinda wayishaya futhi, yaqondisa lezozindlebe ezinkulu. Manje, lokho ngakho konke akusikho okwemvelo ukuba inyamazane yensikazi yenze lokho ngenkathi yokuzingela, ngaleso sikhathi ngqo ngosuku. Futhi yaphuma ngqo yangena kulesosikhala, iqalaza leyongane, lapho eyayikhona. Futhi ngenkathi eqala ukuphakamisa ikhanda lakhe, inyamazane yensikazi imbonile.

224 Awu manje, ngokwejwayelekile zona, esikubiza ngokuthi, kwethuse lokho, niyabo, zi—ziyesaba, ziyabaleka, kodwa hhayi yona, yaphosa lawomadlebe amakhulu, lawo amakhulu, amehlo ansundu abuka phansi ngapho, lapho umzingeli, ingaphezulu lekepisi lakhe likhuphuka. Futhi ngimbonile elinganisa lesosibhamu esikhulu, wabeka leyontanjana esasiphambano yokukala ngesibhamu enhliziyweni yayo ethembekile, ngacabanga, "O Bert, ungakwenza kanjani lokho na? Ungambulala kanjani lowomama efuna ingane yakhe na?"

225 Manje, ngiyokhuluma naye ngeNkosi, futhi uyovele angihleke. Futhi ngathi, "Bert, ungakwenza kanjani lokho na? Ungake uze umbulale kanjani lowomama bandla na?"

226 Manje, yayingesuye umzenzisi, yayingakwembathile lokho, yayingowangempela, yazalwa, into ethize kuyo yayingumama, nengane yayisenkathazweni. Futhi yayingumama, ukuzibonela ngokwemvelo kuyo, ukuzibonela ngokwemvelo kukamama, yayihamba ngqo ebusweni balesosibhamu, yazi ukuthi yayiya ekufeni kwayo. Kwenza muphi umehluko na? Yayizoyithola leyongane, yayisenkathazweni. Yayingembethe lutho.

227 Ngase ngimbona elinganisa lelohlombe phansi, o, he, leyontambo eyisiphambano yokukala inqamula ngqo leyonhliziyo, ngacabanga, "Cishe omunye umzuzwana, uzoyiqhumisa leyonhliziyo yayo ethembekile iyothi ngqu ngakolunye uhlangothi," leyonhlamvu enkulu yezinhlamvana ezi 180 iphuma lapho, ngacabanga, "O . . . " ikhowe, iqhumisa imbobo cishe *kanjalo*. Futhi ngacabanga, "Uzoyiqhumisa nje leyonhliziyo ethembekile yalowomama iyothi ngqu ngakolunye uhlangothi." Ngacabanga, "Angaba nonya kangaka kanjani na?" Ngathi, "Angikwazi nje ukukubukela."

228 Ngaphendula ikhanda lami, ngathi, enhliziyweni yami ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, ngicela umsize, ungamvumeli enze lokho. Buka lokho kuvezwa kobumama bangempela, buka leyonto yangempela."

229 Manje, lowomama, ephuma ngqo, hhayi umzenzisi, engambethe, njengoba kwenza inqwaba yamalunga ebandla, baziphathe sengathi bangamaKristu, lapho kufika elamanqamu, banamahloni ngakho. Waphumela ngqo lapho nento ethize yangempela, wama lapho futhi wayeselungele

ukuhlangabezana nokufa kwakhe. Ngoba ini na? Ngaphakathi kuye, wayengumama, nengane yayisenkathazweni.

230 Ngangikhuleka, futhi ngacabanga, "Nkosi, ungamvumeli akwenze." Futhi ngalinda, ngalinda, isibhamu asizange sidubule, ngacabanga, "Ngiyazibuza ukuthi yini indaba na?" Ngaphenduka ukuba ngibuke, nombhobho wesibhamu wawuhamba *kanje*, leyomizwa engatatazeli yayiphukile.

231 Wabamba ngqi isibhamu futhi wasiphosa phansi, futhi ngangihlezi phezu kokushushumba kweqhwa elincane elithi alibe *njalo*, washo wagaxa ngezingalo emilenzeni yebhulukwe lami wayesethi, "Billy, sengenele yikho. Ngiholele kuleyoNkosi uJesu okhuluma ngayo."

232 Kwakuyini na? "Uma bethula, amadwala ngokushesha azomemeza." Wabonani na? Wabona into ethize yangempela, wabona into ethize ayengakwazi ngisho nokuyibona enqwabeni yabefundisi noma amaKristu, wabona kuleyonyamazane idiye ukwethembeka, into ethize yangempela eyayingeyangempela. Leyonyamazane idiye yashumayela intshumayelo enhle kunazo zonke kuye ukuthi noma yimuphi umshumayeli wayengake ayishumayele. Yayinento ethize yangempela ayengayibamba futhi azi ukuthi kwakukhona ubumama bangempela, futhi uma kukhona ubumama bangempela, kukhona uNkulunkulu wangempela, kukhona insindiso yangempela. Lapho kulolosebe lweqhwa, ngamholela eNkosini uJesu Kristu, futhi ungumdikoni eBandleni leFirst Baptist manje, umKristu othembekile, ngoba wabona into ethize eyayiyiyo ngempela.

233 O Nkulunkulu, masibe ngabangempela. Asingabi nohlobo oluthile lwenkolo, asibe nento ethize yangempela, ukuze abantu babone ukuthi uNkulunkulu uhlala kithi.

Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje.

234 Ngifuna ukunibuza umbuzo oqotho. Njengoba nazi kahle manje, ukuthi a—angisuye umfundisi wasesontweni, angisiso isikhulumi, angifundile, kodwa enhliziyweni yami, kukhona Into ethize engeyangempela, ngithole uKristu osho okufanayo kimi njengoba lelozinyane lenyamazane lenza kuleyonyamazane yensikazi, Ungaphezu kwempilo yami, ulungele ukunikeza noma ngasiphi isikhathi. Futhi nginikele kuYe eminyakeni engamashumi amathathu nanye eyedlula, Uya ngokuba mnandi usuku nosuku, njengoba izinsuku zami ziya ngokuba buthakathaka manje, futhi sengiyaguga.

235 Ngabe ukhona umuntu lapha kulentambama, noma, bangaki abantu, ngifanele ngithi, abangathanda ukuba nobuqiniso bukaKristu enhliziyweni yabo, njengoba lomama wenyamazane idiye enza enganeni yakhe na? Ungalithanda leloqiniso na? Ngenkathi ikhanda lakho lisakhotheme, ungaziphakamisa nje izandla zakho, bese uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ngifuna uKristu manje ukuba afake

uthando lwangempela olungaka enhliziyweni yami ngaYe, njengoba umama wenyamazane idiye ayenalo ngengane yayo"? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Thana, "Ngikhumbule emkhulekweni."

236 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu abusise lomfo osemncane lapha, phandle lapha. O, phezulu kuvulandi osesitezi na? Omunye phezulu phakathi lapho uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, njengoba ukhuleka." UNkulunkulu akubusise phezulu lapho. Impela, uNkulunkulu uyazibona izandla zenu, noma ngabe nikuphi.

237 UNkulunkulu abusise lodade ohlezi lapha esihlalweni esinamasondo. Busiswa, dadewethu othandekayo. Angahle abe ngumama futhi azi ukuthi buchaza ukuthini ubumama, futhi niyazi ukuthi lokho kwethembeke kangakanani kulabobantwana, makube ngaleyondlela kuKristu. Uzokunika Wona, Uzokunika lowoMoya waKhe, kaMoya oNgcwele waKhe enhliziyweni yakho. Ungathanda, omunye umuntu, vele uphakamise isandla sakho?

238 Uthi, "Ngabe lokho kusho noma yini Mfowethu Branham na?"

239 Impela, uyedlula ekufeni uya ekuPhileni lapho wenza lokho. "Babusisiwe abalamba futhi bome." UNkulunkulu akubusise, mfowethu, uhlezi khona lapha.

240 Ubengaba khona omunye umuntu ngaphambi nje kokuba sihambe na? Ngeke sibize ukubizela e-altare khona manje, qhabo, siyanicela nje ukuba niphakamise izandla zenu, ukuba nikhuleke. Sizokhulekela abagulayo.

241 UNkulunkulu abusise leli eliselincane, inenekazi eliyikhaladi elihlezi lapha. Nje i, libukeka njengentombazane nje ezimpambanweni-mgwaqo zokuphila. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Ngenkathi lonyaka wenjejane enobudedengu yomculo wokuzibinya, nezinto, iqhubeka, uthathe ukukhetha komgwaqo ofanele kaKristu. Kwangathi uNkulunkulu angakubusisa njalo, dadewethu.

Omunye umuntu ubengathi nje, "Ngikhumbule, mfowethu, emkhulekweni. Ngenkathi usakhuleka, kwangathi uNkulunkulu angaba nomusa kimi"?

242 UNkulunkulu akubusise, mfowethu, lapha, nalowo ongaphesheya kwesikhala sezihlalo. Ya, uNkulunkulu akubusise. Lapho, leyontombazane esencane emuva lapho, uNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Intombazanyana, uNkulunkulu abe nawe. Lokho kuyamangalisa.

243 Kulungile. Ngabe ukhona omunye owaziyo ukuthi awunalo lolohlobo lothando na? Ubungeke uveze lokho kwethembeka kuKristu, ubungathanda ukukwenza, kodwa awunakho.

Mhlawumbe ungowebandla, bekungeke kukulimaze ukuba uphakamise isandla sakho, uthi, "Ngingathanda ukuba nakho, Mfowethu Branham, ngingathanda ukuzwa enhliziyweni yami ngakuKristu . . ." UNkulunkulu abusise lentombazane encane ehlezi lapha. "Ngingathanda ukuzwa enhliziyweni yami kanjalo, ngakuKristu njengoba lowomama idiye enza enganeni yakhe." Ubunga . . .?

244 Ukuthi, lapho indoda enenhliziyo enonya . . . UNkulunkulu akubusise laphaya, yebo, ngakwesokudla, ngiyakubona, mnumzane. UNkulunkulu abe nawe. Futhi ngineqiniso ukuthi Uyakwenza. Akukho ngisho umzwilili ongawa ngaphandle kwaKhe ekwazi, Uyasazi isandla sakho lapho sikhuphuka. Uyakwazi ukulamba nokoma enhliziyweni yakho, futhi Wathi, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa."

245 Angabakhona omunye ngaphambi komkhuleko na? Kulungile. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, yebo. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, yebo, uNkulunkulu uyakubona. Ngilinde umzuzwana nje, mhlawumbe abanye angaphakamisa isandla sabo. Anisoze nakhohlwa ukuphakamisa izandla zenu, ngizoniqinisekisa ngalokho, anisoze nakhohlwa. Mhlawumbe elele emgwaqeni omkhulu ndawondawo opha, ezwa i-ambulensi iza, igazi ligijima emithanjeni yakho, uyazi ukuthi awusekho, uyokhumbula ukuthi uphakamise isandla sakho. Uzokwenza, omunye umuntu ngaphambi kokuba sivale na? Kulungile, asikhuleke.

246 Baba wethu waseZulwini oBusisiwe, bavela empumalanga nasentshonalanga, enyakatho naseningizimu ukuzwa ukuhlakanipha, umoya wokwahlukanisa owawuphezu kwenceku yaKho, uSolomoni. Futhi ngenkathi iNdodana yaKho, iNkosi uJesu, yayilapha emhlabeni, Yabatshela, ukuthi babeyilahle kanjani ngecala esizukulwaneni sabo into isizukulwane sikaSolomoni esasiyikhathalele; nokuthi babephumelele kanjani esizukulwaneni sikaSolomoni, nokuthi babeyongcoliswa kanjani esizukulwaneni saYo, futhi nokho Yayinkulu kunoSolomoni.

247 Futhi namhlanje, Baba, kulusuku olukhulu kunoma kwakunjalo ngosuku ukuthi ngenkathi Usivakashela lapha emhlabeni emzimbeni wenyama, ngokuba ngalezozinsuku, ukubuyisana kwangempela kwakungakenziwa, uNkulunkulu wayehlala kuMuntu oyedwa, lowo kwakuyiNdodana yaKhe, uJesu. Futhi manje, emva kokuba ukubuyisana sekwenziwe, lonke iBandla elihlengiwe lingasondela kuNkulunkulu, UNkulunkulu angangena esifubeni seBandla laKhe, noMoya oNgcwele.

248 Wena wathi, "Uma ukhuluma ngokumelene neNdodana yomuntu, uyakuthethelelwa khona," ngenkathi beKubiza

ngoBelzabule, ngoba Wawehlulela imicabango yezingqondo zabo. Babefanele bazi ukuthi lowo kwakunguMoya kaNkulunkulu lapho, WawukuSolomoni, phezu kwabaprofethi, futhi lapha Wenziwa ekugcwaleni kwaWo kuWe. Futhi bakhuluma bamelana naWe futhi baKubiza ngegama elibi, babiza umsebenzi kaMoya oNgcwele ngodeveli, futhi Wena wathi, "Ngizokuthethelela ngalokho, kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile, ukhulume ngokumelene naLokho, akusoze kwathethelelwa."

249 Awu, uMoya oNgcwele, emva kokuba Kade ukuWe, bese-ke ufika phezu kweBandla, nanti namuhla obekuyoba kukhulu ngaleyonkathi, ngoba ukuPhila kwaKho kunameke ngophawu umsebenzi kaMoya oNgcwele futhi kwaWuletha eBandleni, futhi nokho, "izwi elimelene naWo alisoze lathethelelwa." Futhi Nangu namuhla, uMoya oNgcwele othandekayo, uMuntu kaKristu, emi phakathi kwethu, enza into efanayo Ayenza. NgokomBhalo kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni ngokwezinsuku zokugcina, Wayezoba lapha futhi enze lezizinto, futhi Nangu. Baba Nkulunkulu, siKubonga kanjani ngalokhu!

250 Ngiyakhuleka namhlanje ukuthi ngamunye walabo abaphakamise isandla sabo, beqonda phezu kwalolu olulula, udaba oluncane olwenzekile, Nkosi, ngomngane wami olungileyo, inceku yaKho manje, uBert, ukuthi lokho kwayithatha kanjani leyondoda enenhliziyo enonya, lapho Wawungenamuntu kulelozwe, kwakubonakala sengathi, lokho kwakungakwenza, mina uqobo angikwazanga ngisho ukumholela kuWe, kodwa wabona leyonto yangempela kuleyonyamazane idiye, ngaphezu kwalokho ayengakubona kimi, kumbe noma yimuphi omunye umuntu, kodwa Nkulunkulu, Wakukhombisa ngomama wenyamazane idiye omdala, futhi yena wamholela kuWe, busisa umphefumulo wakhe othembekile, Nkosi. Ngiyakhuleka namhlanje ukuthi ngendaba elula yokukuxoxa, abaningi baphakamise izandla zabo, baphe isifiso sabo, Nkosi.

251 Kwangathi ngobulula bokukholwa, sifinyelele phezulu futhi sibambe isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, futhi uthi, "Nkosi, thela isitsha segolide samaFutha kaMoya oNgcwele kaNkulunkulu enhliziyweni yami." Khona-ke bayobe sebelungele ukufela uKristu, baveze obala uthando lwaKhe, ukwethembeka kwaKhe endaweni yabo yokusebenzela, emakhaya abo, ezinhlanganweni zabo, noma kungahle kube kuphi. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

252 NiyaMthanda na? Ake sicule nje ivesi elilodwa leyami, elinye lamaculo ami amadala engiwathandayo, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Futhi ngenkathi senza lokhu, sizoba nenkonzo yokuphulukisa, noma, inkonzo

yomkhuleko yabagulayo nje ka—kancanyana. Manje, asicule nje manje, siphakamise izandla zethu. Kulungile, mfowethu.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

253 Manje, sisalihamisha kanye, lesi izethameli ezixubile, amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, ake, kamnandi, nje sibambe isandla somuny'umuntu ohlezi eduze kwakho, bese sithi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu," sisacula lelo futhi.

Ng'ya . . .
. . . wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

254 Manje umlayezo usuphelile, Mkhonzeni nje ngoMoya. UPawulu wathi, "Uma ngihlabelela, ngiyohlabelela ngoMoya; ngiyakhonza, ngiyokhonza ngoMoya."

. . . Wang'thanda kuqala

Anibuthandi lobo bumnandi bukaMoya oNgcwele na?

Ng'yaMthanda, . . . (Kusho nje ngayo yonke inhliziyo yakho.) . . . M'thanda,
Ngoba wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

255 O, Akasuye owangempela na? Unguye ngempela ezinhliziyweni zethu, muhle kakhulu, ugcwele isihawu kakhulu. Alibusiswe iGama laKhe eliNgcwele. Manje sizobiza umugqa womkhuleko, sikhulekele abagulayo ngenkathi lolugcobo oluthandekayo . . .

256 IZwi ali—alithi nje ukukukolobha na? Ngizizwa ngikahle futhi ngihlanzekile. Bangaki ozizwa ngaleyondlela na? Njenge . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli,
Nezoni zibhukuda ngaphansi kwalelothantala,
Kusuke onke amabala azo ecala.
Kusuke onke amabala azo ecala,
Kusuke onke azo . . . (Anijabuli kakhulu ukuthi kukhona uMthombo na?)
Nezoni zibhukuda ngaphansi kwalelothantala,
Kusuke onke amabala azo ecala.

A, umoya ofanayo wokukhonza!

257 Billy, uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Uwakhiphile, awuwakhiphanga na? Mangaki na? Amashumi amahlanu kuya

ekhulwini. Ingasikhathi sini inkonzo yenu . . .? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

258 . . .?. . . kaNkulunkulu uyaphulukisa. Uphuka ingalo yakho, awuyi kudokotela, uthi, "Phulukisa ingalo yami." Wena uthi, "Hlela ingalo yami, Dokotela." UNkulunkulu uyayiphulukisa.

259 Wena uthi, "Ngine-aphendiksi, Dokotela, inqume uyikhiphe." Akakuphulukisi, uvele akhiphe i-aphendiksi, akakwazi ukwakha isicubu, uNkulunkulu wakha isicubu. Ngabe kunjalo na? Wenza ukuphulukisa, uNkulunkulu wenza ukuphulukisa. Hhayi . . .

260 Billy, ngabe lelonenekazi lapho linalo ikhadi lomkhuleko na? Awu, wena nje—nje—nje liyeke lihlale, kulungile. Niyabo? Ngizolenyusela lapha futhi ngilikhulekele, umzuzu nje. Manje, uthini na? Kulungile. Bekukhona indoda ethize ebihlezi lapha emizuzwini embalwa edlule, isahlezi lapha.

Kulungile, asikhothamise amakhanda ethu, umzuzu nje senzele umkhuleko.

261 O Nkosi, ihora seliseduze manje lapho kufanele kwenziwe okuthile. Mina, ngobuqotho nje njengoba ngazi ukuthi kanjani, ngilethe lona olula, umlayezo omncane womusa waKho namandla. Futhi bengicabanga ukuthi bekuyoba ngaphambi kwesikhathi, futhi besiyokhuphula abane, abahlanu, abantu abayishumi futhi—futhi Ubuyothumela uMoya waKho wokubona okufihlakeleyo, kodwa kubonakala sengathi, Nkosi, ukuthi—ukuthi abantu bangaqoka ukuba sibakhulekele nje. Ngakho, ngi . . . Nkosi, mhlawumbe yileyondlela Owakhe ngayo ukukholwa kwabo kulentambama.

262 Uma lokho kuqinisile, Baba, khona-ke ngizokhuleka ukuthi Uzongigcoba kanjalo ngoMoya oNgcwele, ukuthi abantu lapho bedlula, bangeke beze, bedlula nje umngane wabo nomfowabo, kodwa bazokwazi ukuthi omi emsamo lapha ndawondawo, engabonakali emehlweni ethu, yiNkosi uJesu ukuqinisa lonke iZwi Alilobile, konke lokho Akushilo. Nika izethameli ukukholwa ukuba zikholwe. Siphe khona, Baba. Ngiyakhuleka, eGameni likaJesu Kristu, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

INyanga enkulu . . .
. . . uJesu onozwelo;
Ukhuluma inhliziyo eyethileyo ukuba yename,
O, yizwa iPhimbo likaJesu.

Nothi elimnandi kunawo onke eculweni lamaserafi,
Gama elimnandi kunawo onke olimini lwabantu,
Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke asake aculwa,
Jesu, Jesu obusisiweyo.

263 S'thandwa, bekungumhlangano othi awube kanje, ngikhuluma nomkami ehlezi lapho, ngenkathi bonke babethi nje babenjena eFort Wayne, e-Indiana, ngalobobusuku, kwakungumDunkard ikakhulukazi, nom-Amish, umMennonite, nodade omncane emuva lapho, owayezama ukufuna uMoya oNgcwele, wayenakho, angisoze ngazikhohlwa lezo ezinde, ezinhle, izinwele ezimhlophe ezenziwe, wayegqoke ingubo emhlophe, wayedlala.

264 Futhi babeletha kimi ingane encane ekhubazekile, ngase ngibamba ingane encane ngezingalo zami, ngase ngithi kumama, "Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izoyiphulukisa ingane encane na?"

Wathi, "Ngiyakholwa, mnumzane."

265 Futhi nje ngaleyonkathi, ngakhulekela ingane encane. Futhi ngaqala ukuyibuyisela kumama, umama wayibeka phansi, yaqala ukugijima inqamula iphansi, waquleka, abantu baqala ukumemeza, naleyontombazane yemukela uMoya oNgcwele, yagxuma yasuka opiyaneni, izinwele zayo zehlela phansi, nalolopiyano ludlala njalo njalo, "INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo." Futhi amakhulu amaningana abantu emi lapho ebuka lawomabhathini ezinyo lendlovu enyakaza, "INyanga enkulu manje iseduze."

266 I-altare lagcwala futhi konke phansi naphezulu ezikhaleni zezihlalo, nayo yonke into, bekhala izinyembezi futhi bekhala, lawo maMennonite, nama-Amish, kanjalonjalo, eza eNkosini uJesu. Abakwazanga ngisho nokuthi qhabo, bangabe besakhulekela, bememeza nje kuNkulunkulu becela umusa, babone into ethize yangempela. "INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo." Kulungile.

267 Manje, ngaphandle kokubona okufihlakele. . .Bangaki olapha, obone ukwehlukanisa na? Uyazi ngakho na? Phakamisani izandla zenu, phakamisani izandla zenu. O, kunjalo. Manje, niyazi bekungenziwa, kodwa ukukhulekela wonke lomugqa, bengingekwenze lokho. Kodwa . . .

268 O, he, leyongane encane! Noma ubani angabona ubuso bengane. Yingane yakho, dadewethu na? O, usizi olunje pho! Woza lapha, umzuzu nje. Mm! Ngineqiniso nonke nizongithethelela. Ake sithole nje ukuthi lokho kuyini. Uzokwenza na? Hhe? Niyabo lowo nguMoya oNgcwele. Bekungakusiza na? Bekungakusiza na? Bekungalisiza ibandla na? Bengisho nje leyondatshana ngomfanyana eFort Wayne, futhi khona-ke ngengane. Ngibuke.

269 Manje, angikusho lokho. . .Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, njengoPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa Lihle, wayesethi endodeni ekhubazekile, "Sibheke. Sibheke." Lokho kusho ukuthi, "Naka nje engikushoyo, naka."

270 Futhi ingane, kukhona okwenzekile, futhi uma uMoya oNgcwele uzokwazi ukungitshela ngalokho, bekuyosiza ukukholwa kwakho ukuba ukholwe ukuthi Ubeyoyisindisa na? Kulungile, ubuyokwenza. Ngiyazi. . .ngishaye lezozindawana. Benginakho lapha esikhathini esingeside esedlule. Bengimangala ngokuwela, ngaba nesehlakalo; ngihlose ukukutshela ibandla kuleliviki ngesinye isikhathi, ukuthi kwenzekani.

271 Manje, uyazi, nenekazi, uma bengingasiza leyongane, futhi ngingakwenzi, a—angifanele ukuba semuva kwaleliBhayibheli lapha. Qhabo, mnumzane. Bengiyoba ngumkhohlisi, bengingafanele ngisho ngivunyelwe ukuletha. . .ngize emva kwepulpiti. Kodwa uma bengingakusiza, bengiyokwenza. Kodwa into kuphela engi. . .

272 Ukuba uJesu ubemi lapha egqoke lesudu Angipha yona, Akukho okunye abengakwenza ngaphandle kokukutshela ukuthi ngenkathi Efa eKalvari, Wathenga ukuphulukiswa kwaleyongane. Manje, lababefundisi basesontweni bangakutshela ukuthi lelo yiqiniso. Akunjalo, bazalwane na? Wakwenza.

273 Khona-ke ukuba Ubemi lapha, futhi ubuyothi, "O, Nkosi Jesu, ungayiphulukisa ingane yami, uyivumele iphile na? Ngi—ngi—ngiyakuthanda, Nkosi, futhi ngizokhulisa ingane ukuba iKukhonze, uma nje Uzophulukisa ingane yami encane." Mhlawumbe izishisile, kumbe noma ngabe bekuyini, angazi, kodwa noma ngabe bekuyini, "Uma nje—uma nje Uphulukisa ingane yami, ngizo—ngizokwethembisa ukuthi ngizoyikhulisa ukuba iKukhonze."

Ngani, Ubeyothi, "Ndodakazi yami, Sengivele ngiyiphulukisile ingane yakho eKalvari."

274 Manje, ubuyokwazi kanjani ukuthi bekunguYe ekutshela lokho na? Awu khona-ke, Wayezokwenza njengoba nje Enza ngenkathi Elapha emhlabeni, Ubeyosho, njengowesifazane owathinta ingubo yaKhe, niyabo, into efana naleyo. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nginitshela ngengane. Futhi lokho bekungakusiza ukuba ukholwe ukuthi Bekungeke kube ngumfowenu ngaleyonkathi, beKuyoba yiNkosi uJesu olapha. Ngabe kunjalo na? Bangaki okuqondayo lokho na? Kulungile. Kwangathi iNkosi ingasiza. . .?. . .

275 Dadewethu? Enganeni na? Qhabo, akusikho ukusha, kubukeka njengakho, kodwa akusikho. Lokho yimiphumela yezinye izindlela zokwelapha. Odokotela benze konke abebengakwenza ngengane, kodwa uhlobo lwesimo sethumba, njengamangqamuzana egazi onke ahamba ndawonye. Futhi nibe nayo kodokotela abaningana, bayenqabile, "Akukho okungenziwa ngayo," basho.

276 Kodwa awukukholwa lokho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzovumela ingane yakho iphile. Kunjalo, yiqiniso. Awusuye owakulelidolobha, qhabo. Uyakholwa ukuthi ungayibuyisela emuva e-Eugene, izoba kahle, futhi uNkulunkulu uzokusindisela yona na? Uyakholwa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uNkulunkulu uzoyisindisa na?

Asikhuleke, khothamisa ikhanda lakho.

277 Baba wethu waseZulwini, ekukhanyeni kwaseKalvari, eBukhoneni bukaMoya oNgcwele, ngiyamlahla lodeveli owenze lokhu kulengane.

278 Ukucashisile kudokotela, kodwa angeke ukucashise kuNkulunkulu, phuma kulengane futhi udedele lengane iphile! Ngiyakuyala ngokuvuka kukaJesu Kristu, oBukhona baKhe bulapha manje, ukuthi angeke usangcolisa lengane! Amen.

279 Ungangabazi nakancane, into izosuka ebusweni bengane, bekucatshangwa ukuthi kwakuwuphawu lokuzalwa, kanjalo. Kodwa unga... Qhubeka nje, kholwa, ingane izophila.

280 Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Kuthiwani ngabanye benu laphaya ezethamelini manje abangenawo amakhadi omkhuleko na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ukuze nizokwazi ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, hloniphani ngokuzithoba, nikhuleke.

281 Wena ohlezi lapho ukhala izinyembezi, unento ethize enhliziyweni yakho, awunayo na? Ngomncane, futhi. Usesibhedlela ePortland, unezinyawo eziyisagila. Umntwana uzohlinzwa kusasa, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, umntwana uzophuma ekahle. Amen.

282 Uthinteni na? Yini—yini yena...? Mbuze, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, uyisihambi uqobo. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, nenekazi. Niyabo? Ngabe konke nokuncu kwalokho Akushilo bekuyiqiniso na? Uma kunjalo, vayizelisa esakho futhi. Yima ngezinyawo zakho, uma lokho kuyiqiniso. Nakho-ke.

283 Manje, uyakholwa ukuthi uBukhona bukaKristu bulapha na? Khona-ke kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje, usakhuleka kanye nami. Ngeke salibala isikhathi eside kakhulu lapha, uma sikwenza, ukuthi kuzo, niyazi, kuzothatha isikhathi eside kakhulu ukukwenza. Lokho—lokho... Kunzima ukukumisa lapho kuke kwaqala.

284 Leyondoda ehlezi lapho nesandla siphakeme *kanje*, iphethwe yimfiva ethimulisayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Angikwazi, ngiyakwazi na? Awungazi, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Kodwa unemfiva ethimulisayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Uxhumane nani na? UMoya kaNkulunkulu. Manje hamba futhi ukholwe, futhi uzosuka kuwe. Imfiva ethimulisayo ayisiso isifo, yisimo sekhala. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi kuzokushiya, futhi awusophinde ube nakho futhi, uma ukholwa.

285 Malibongwe iGama leNkosi. Ngitshele ukuthi uJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade na? Impela unguye. "Uma ungakholwa!" Kulokhu kuhamba nje ezethamelini. Asiqale nje . . . Wonke umuntu angisize ngikhuleke.

Manje, mnumzane, uma ngingasho lutho futhi nje ngikukhulekele, uzokholwa, angeke na?

286 Nkosi Jesu, ngiyakulahla ukugula komzimba wakhe, futhi ngicela ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

287 Woza . . .?. . . Uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe, awazi na? Uma ngingasho lutho, ngikukhulekele nje, uzokholwa. Ukwethuka sekusukile kuwe, ngakho qhubeka . . .?. . .

288 Woza, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Manje, dade, uyaqonda ukuthi Wazi konke ngawe. Kodwa uma nje ngibeka izandla phezu kwakho, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Asi . . . Woza.

Baba, ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu, kwangathi angasinda. Amen.

Manje, hamba ubonga iNkosi, sengathi nje sekuvele kuphelile futhi akusekho.

Woza, dadewethu othandekayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa futhi akusindise na? Woza, manje.

289 Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzosusa lento engcolile kudadewethu, futhi kwangathi angavuka ekuseni engowesifazane ohlukile. Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

Manje, hamba ukholwa, dadewethu, ungangabazi.

Woza, mfowethu othandekayo, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

290 Nkosi eyigugu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa umfowethu njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Ungangabazi, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

Uyakholwa, mfowethu na? Kulungile, woza manje.

EGameni leNkosi uJesu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa. Amen.

Busiswa.

291 Awufuni ukukhubazeka yonke impilo yakho, uyafuna na? Uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe, niyakuqonda lokho. Wonke umuntu wedlulile, bekungeke kufihlwe manje nhlobo. Lesisifo samathambo masinya sizokuthola uma uNkulunkulu engakusizi, kodwa Uzokusiza manje. Uyakukholwa lokho na?

Nkosi Nkulunkulu, ngiyamyala lodeveli ngeGama likaJesu Kristu ukuthi kuzosuka kulona wesifazane, futhi kwangathi angaphulukiswa. Amen.

292 Yiba nokukholwa. Uyakholwa na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Niyabo? Asikwazi ukuma nge. . . Niyabo, uMoya oNgcwele. . . Kul'khuni kimi ukuba ngingababizi. Bathi nje bangafika, kubukeka sengathi ubungakubamba, kodwa ungeke ufike kubo bonke. Kodwa uMoya oNgcwele ofanayo. . .

293 Uyakholwa ukuthi ngiyamkholwa uNkulunkulu na? Uyakukholwa lokho na? UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Ngabe kunjalo na? Khona-ke kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

294 Lapha, ngabe ungumuntu olandelayo ukuba akhulekelwe na? Angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okuthile ngawe owaziyo ukuthi angikwazi, ubungangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

Ngabe lokho bekuyokusiza phandle lapho na? Niyabo? Kulungile.

295 Manje, ngibuke nje, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uzongitshela okuthile ngawe okuzokusiza. Uyabo? Futhi uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, ngoba uyazi, into ethize empilweni yakho, noma *enye into ethize* owaziyo ngayo, uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha, ngoba ungufakazi wakho.

296 Angikwazi, ngiyangabaza noma uyangazi noma qha, ngaphandle uma nje kungokungizwa, ndawondawo. Kodwa angikwazi, akukho-ndlela nhlobo yokwazi lutho ngawe, bekuyofanele kwembulwe nguMoya uma ngazi ngawe. Ngabe kunjalo na?

297 Enye yezinkathazo zakho yisimo sokwethuka, unezinkinga zokomoya. Kunjalo impela. Isimo sakho somzimba siyinso, uneyodwa kuphela, enye ayisekho. Kunjalo. Unomthwalo enhliziyweni yakho, lokho ngokomyeni wakho. Kulungile kimi ukuba ngisho ukuthi uyini na? Uyaphuza, futhi uyamkhulekela, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje, ngabe lokho kulungile na? Hamba futhi ukholwe manje, futhi wemukele, eGameni likaJesu Kristu.

298 Yiba nokukholwa nje, ungangabazi, wonke umuntu akakhuleke. Manje, uMoya oNgcwele ofanayo ulapha ngokufanayo nje ngaso sonke isikhathi.

Nkulunkulu, ngiyala lesisitha, eGameni likaJesu, ukuba sisuke kulengane. Amen.

Uyakholwa manje, dadewethu othandekayo, uzoba kahle na?

Baba, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Woza, dade. Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Futhi ake ngikukhombise ukuthi ngazi kanjani . . .?. . . ukuthi u . . .

Bangaki abantu phandle lapho ophethwe yisimo sokuguliswa yimizwa, ukwethuka kwengqondo nje, ukuphatheka kabi na? Phakamisani izandla zenu.

299 Bukani lapha, niyabo, kuyafana nokwakho. Manje, uma ungaphulukiswa umi lapha, bangaphulukiswa phandle lapho. Ngabe kunjalo na? Ngakho, uma nje uzokholwa ukuthi uBukhona beNkosi uJesu bulapha, ungaphulukiswa. Uyakukholwa na? Khona-ke hamba futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu. Kholwa nje ukuthi ngikutshele iqiniso.

300 Ukuba-ke ngikutshelile, uphakamise isandla sakho ezansi lapho esikhashaneni esedlule, usuphulukisiwe na? Ubuyongikholwa na? Kulungile, ubunjalo. Ngenkathi wemukela iNkosi uJesu lapho, Wakunakekela ngayo leyonkathi. UNkulunkulu akubusise.

301 Kulungile. Manje, uphethwe yinkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Abaningi babo phandle lapho uphethwe yinkathazo yenhliziyo. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu uphulukisa inhliziyo Ahlala kuyo na? Woza lapha.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi lona wesifazane angaphulukiswa kulesisimo senhliziyo. Amen.

Hamba futhi ukholwe manje ngayo yonke inhliziyo yakho.

Woza, mfowethu othandekayo, kholwa.

Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hamba, ungangabazi lutho manje, mfowethu, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

302 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, eGameni likaJesu. Kwangathi angahamba futhi asinde. Amen.

Woza ukholwa. Kulungile, mnumzane. Uyafuna ukuyodla idina lakho futhi uzizwe ukahle ngalo na? Khona-ke hamba udle, eGameni likaJesu Kristu . . .?. . .

303 Ngani kungukubona okufihlakele nje na? Khumbulani bangane, ukubona okufihlakele akuphulukisi. Ukubona okufihlakele kuphela. . . IPhimbo lokubona okufihlakele liyilokho okwenza ukuphulukisa, niyabo, iPhimbo lokubona okufihlakele. Uyakukholwa lokho na?

304 Hhe! Uhlezi ekugcineni kohlu emuva lapho, inkathazo ngamehlo akho, ngomphimbo wakho, ngezindlebe zakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Indoda nento encane enemishwe ivundle iyembe layo *kanje*, angikwazi, angikaze ngikubone. Kodwa kukhona okukushayile ngaso lesosikhathi, akuzange na? Lokho kuKhanya kubonakale ngqo phezu kwesicongo sekhanda lakho. Yilokho impela obekungalungile ngawe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, hamba uye ekhaya, uphile. UJesu Kristu ukuphulukisile.

305 Angikaze ngiyibone indoda. Manje, bangaki owaziyo ukuthi yilokho impela uJesu akubuka phezu kwezethameli ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, futhi Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile"? Ngabe kunjalo na? Usindile. Niyabo? Awu-ke, ngabe iBhayibheli liyasho ukuthi "UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu"? Ngabe UnguNkulunkulu ofanayo owakhuphuka ngenkathi uSimoni ekhuphuka phambi kwaKhe, futhi Wathi, "Igama lakho unguSimoni"? Ngabe lowo nguNkulunkulu ofanayo owayazi igama lakhe na? Uyakholwa ukuthi Wazi into efanayo, angenza into efanayo na? Uyakholwa ukuthi Uyabazi ubuthakathaka bakho na?

306 Uyazi ukuthi Wathi Wa—Wayibona imicabango yabo; lokhu akusikho kuphela ukubona imicabango yabo, kuyasho ukuthi bekuyini, ukuthi iyini, nokuthi izoba yini. Niyabo? Kwe—kwenza okungaphezu kwalokho, kwembula izono. Bangaki oKubonile kwembula izono, futhi kubizele ngaphandle, futhi kutshele abesilisa, kukhombe abesifazane abahlala nabo, nakho konke na? Uma ungakufuni lokho kwenziwe, kungcono ukulungise ngaphambi kokuba uze emsamo, kuzokwenza impela.

307 Bangaki oke waba semihlanganweni, phakamisani izandla zenu manje, enikubonayo lokho kwenziwa na? Phakamisani izandla zenu, ndawo zonke. Impela, kuzokwenza, kuphelele, Nkulunkulu. Ngezinye izikhathi abantu banokukholwa okuningi kunalokho abacabanga ukuthi banakho. Uzama ukuzenza ube nokukholwa, ungakwenzi lokho, zithobe nje.

308 Indoda ehlezi khona lapho, ukuKhanya kusalokhu kuyizungezile khona lapho. Akuzange. . . Kuyimangazile, ibinalokho kukholwa okungako. Kunjalo. Kodwa nje ibinakho. . . Akunjalo, mnumzane na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, indoda ephulukisiwe khona phansi

lapha. Kunjalo. Kumangazile nje, awucabangi ukuthi unakho. Kodwa ku—nje kulula. Kukholwe nje.

309 Lapha, nansi indoda imi lapha, angikwazi, kunjalo, awungazi, ngiyethemba, uNkulunkulu uyakwazi. Uyangazi ngokungibona nje ezethamelini, nezinto ezinjalo, kodwa lokho akusikho ngalendlela. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu . . .? Uma Engangitshela ukuthi uzele ini lapha, noma okuthize, bekuyo—kuyokwenza ube nenqwaba yokukholwa ukuba ukholwe na? Bekuyokwenza na? Kungahle kukwenze ube nokukholwa. Kulungile.

310 Ukuba-ke ngikutshele ukuthi—ukuthi ulapha ukuba nalesi sigaxa esincane sisuswe ekhanda lakho lapho na? Yilokho impela okuzele lapha. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

311 Manje, izethameli zingahle zithi, "Impela, Mfowethu Branham, uyambuka."

312 Kulungile. Uma lona kunguMoya kaJesu Kristu, Uzoyazi indoda, ngizoba nokuxhumana nayo, kunjalo.

313 Awusuye owalapha, uvela edolobheni elibizwa ngeLakeview. Ngabe kunjalo na? Bakubiza ngoBill, abakubizi na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, unokukholwa na? Khona-ke hamba futhi uphulukiswe, uJesu Kristu uyakusindisa. Yebo, mnumzane.

314 Noma ubani uyabona lona ngomncane, umntwana ohluphekile. Nonke khothamisani amakhanda enu sisakhulekela lomntwana omncane.

315 Khona lapha, awudingi ukukusho kanjalo. Uyazi . . . Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzothatha lomfo omncane, futhi asuse lokhu kuye, futhi amenze asinde na?

316 Nkosi, ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni leNkosi uJesu, ngilahla udeveli owenze lobububi kumntwana. Kwangathi umntwana angabuya ngisho nakuleliviki futhi akhombise, umama akhombise ukuthi kwenzekeni enganeni. EGameni likaJesu, ngimnikela ezandleni zikaNkulunkulu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ngifuna ukuzwa kuleyongane kuleliviki.

Woza, mfo omncane.

Nkosi Jesu, busisa lona omncane futhi umsindise, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, nenekazi, ndawo zonke. Malibongwe iGama leNkosi.

Woza, dadewethu othandekayo.

Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa owesifazane futhi umphulukise, eGameni likaJesu. Amen.

Yiba nokukholwa, manje.

Letha umfana omncane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angamphilisa na?

317 Baba wethu waseZulwini, ngibamba lomfanyana ngimsondeze kimi, futhi ngicele ukuthi amandla kaSomandla . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

318 . . . uma kungesikho okwaKho. Ngiyakhuleka ukuthi Uzovumela lomntwana omncane aphulukiswe kakhulu, ukuthi abantu bazokwazi ukuthi UnguNkulunkulu. Ukuthi lomntwana angabuyela kulezizethameli ngaphambi kokuba loluchungechunge lwezinkonzo luvale kuleliviki elizayo, futhi akhombise ukuthi uNkulunkulu umphulukisile, nemilenze yakhe emincane isindile, futhi uyahamba futhi.

319 O, wena develi owenze lokhu, ngikuyala ngoNkulunkulu, ngokuvuka kukaJesu Kristu, OBukhona baKhe bulapha manje, shiya umntwana!

320 Futhi kwangathi amandla kaNkulunkulu angathatha indawo yalensimbi, ukuthi umntwana uzohamba ngamandla kaMoya kaNkulunkulu konke ukuphila kwakhe. Amen.

321 Ngabe kuzoba ngaleyondlela, mnumzane na? Kuzoba. UNkulunkulu akubusise, uzoba nakho okucelile. Ngikunika umntwana, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphulukiswa kwakhe.

322 Kulungile na? Ungumuntu olandelayo na? Lona wonke umugqa na? Umfo osemncane impela, ngiyisihambi kuwe, angikwazi, awungazi, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Uma iNkosi izongitshela ukuthi uze ngani lapha, uzokholwa na? Bekuyo—kuyongakubangela ukuba ukholwe na? Ubuyokholwa. Kulungile.

Bangaki obekuyosiza, izethameli na? Bekuyosiza.

323 Into ethize exakile ngawe, yebo. Empeleni u—ungu—ungukwethuka, ukuphatheka kabi, isimo sokwethuka. Uvela kude ukuba ukhulekelwe. Awusuye—awusuye owasemMelika ngempela, ungumJalimane, ungowaseJalimane, futhi uza lapha ukuba ukhulekelwe. Futhi ngiyabona ufike eJeffersonville, futhi bengihambile, futhi uza ngapha ukuba ngikukhulekele, usuka le eJalimane. Ngikuthumela emuva eJalimane, eGameni likaJesu Kristu, indoda ephilile. Uyangikholwa na?

324 Ngikhipha ububi kulendoda, eGameni likaJesu Kristu, phuma kuyo!

325 Kwangathi ingabuyela kubantu bakubo iyindoda ephilile, futhi lapho sengibuyela lapho ngiya eJalimane, Nkosi, okomhlangano, kwangathi lensizwa ingaba ngubufakazi. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Uphulukisiwe. Buyela ekhaya uphilile. Auf Wiedersehen.

Ayibongwe iNkosi! Uyakholwa na?

326 Kuthiwani ngawe uhlezi kulesosihlalo esinamasondo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa na? Uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uma bengingakukhipha kulesosihlalo esinamasondo, bengiyokwenza. Angikwazi ukukwenza, kodwa uNkulunkulu angakwenza. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi uhlezi mayelana nani lapho, uzongilalela njengomprofethi waKhe na? Umdlavuza uyakudla uyakuqeda ezibilini. Uyangilalela njengomprofethi waKhe na? Uzofa uhlezi lapho. Ungeke uye ndawo lapho. Ungaba buthakathaka, phansi kwamandla, kodwa . . .

